


LAPHA KUKHONA

OMKHULU KUNO SOLOMONI

 Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlahlala enkulu ukubuyela lapha eholo elikhulu futhi, kulobubusuku, noma, indlu yasensimini. Futhi sijabula kakhulu ukuba nalelithuba lokukhuluma nani futhi, kodwa ngithemba ukuthi hhayi isikhathi eside njengoba ngenze izolo ebusuku.

Indodana yami yayikhuluma nabanye babefundisi, futhi bathi, “Cishe uMfowethu Branham ukhuluma isikhathi eside kangakanani na?”

Wathi, “O, akubi yisikhathi eside kakhulu, aze akhulume ngendaba ka-Abrahama, ngesinye isikhathi angavele nje—nje alahleke.”

² Futhi izolo ebusuku bengilapha cishe amahora amabili nemizuzu engamashumi amane-nanhlanu. Omunye uthe kuye kulokhu ukusa, wathi, “Uyoba yini u-Abrahama na? Kufanele kube yinto ethize!”

³ Ningabantu abakahle kakhulu, futhi ngiyathanda ukukhuluma kubantu iZwi elisabela kubo, ukubona imiphfumulo eyigugu iza eNkosini, kukwenza kube mnandi ngempela, kungenye yezinjabulo ezinkulu kunazo zonke zenhliziyoyami.

⁴ Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi ngisengumfundisi osemncane. Ngi... Kwakukhona omunye umngani wami ongumfundisi, udadewabo, ngamyisa ekhaya emva kwenkonzo ngobunye ubusuku. Sasikhuphuka ngomgwaqo, futhi wayethi ukuba ngumKristu ogcina umthetho ngegama, ngegama nje, njengoba bengingasho, futhi ngakholwa ukuthi wayekhohlelwa kuKristu, kanjalonjalo, kodwa wayengazange ajule njengoba ngicabanga ukuthi umKristu ufanele ahambe azisho ubuKristu, futhi—futhi wathi, “Kuthiwani kusasa ebusuku, ngiya embukisweni na?”

Ngathi, “Angiyi embukisweni.”

Futhi wathi, “Awu,” wathi, “banerenki yokushishiliza eqhweni ezansi lapha, uthini ngokuhamba uyoshishiliza eqhweni na?”

Ngathi, “Angiyi ukuyoshishiliza eqhweni.”

Wangicela ezindaweni ezintathu noma ezine ezehlukene, futhi ngathi, “Angikwenzi lokho.”

Wathi, “Awu, njengensizwa lapha, cishe eneminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, uyitholaphi injabulo na?”

Ngathi, “Endlini yeNkosi.” Ngathi, “Lokho . . .”

⁵ Futhi ebusukwini obumbalwa emva kwalokho ngangisebandleni, nenenekazi eliselincane lalihlezi emuva lapho, futhi—futhi ngakho ngalobobusuku ngenza ukubizela e-altare, futhi cishe abantu abangamashumi amabili benyuka bazungeza i-altare, bekhala izinyembezi, abafu abasebasha. Ngase ngilikhweba, ngathi, “Ngithola intokozo eningi kulokho, kunoma izwe lonke lingakwazi.” Kuyinto enjalo ukuthi uyazi ukuthi u—uyezwa lapho ulala phansi ebusuku wenze okuthize, uzame ukusiza omunye umuntu. Yilokho esikukhonela lapha, ukuzama ukwenza imithwalo yempilo ibe lula kancane kini, niyabo, no—nokusiza labo abangamazi uKristu ukuba baMazi.

⁶ Ngikhulekela abagulayo, ngangenyuka ngezitebhisi, futhi ngabezwa bekhuluma mayelana noLwesihlanu ebusuku ngodaba oluphuthumayo. Awu, yiqiniso lelo, ulapho sehla futhi sikhulekele zonke izimo eziphuthumayo, babehleli ngalobobusuku, kusobala, ngalokho.

⁷ Manje, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akuphumule phezu, khumbulani, ukubekwa kwezandla, lokho kulungile. Manje, lowo ngabantu baseMelika, bafanele babekwe izandla, kungenjalo abakukholwa nje, yilokho kuphela, ufanele ubathinte ngandlela thize, futhi, kungenjalo aku—akusebenzi.

⁸ Futhi, kodwa manje, uma nje nizongibekezelela umzuzwana nje, kungesikho ukwehluka, kodwa leyo akusiyo indlela uNkulunkulu asebenzana ngayo nabeZizwe, lelo kwakuyisiko lamaJuda. Niyakhumbana, iJuda lathi kuJesu, “Indodakazi yami iguliswa ngokunhlobon-. . . , e, igula ngokunhlobonhlobo, futhi iyafa.” Wathi, “Woza, ubeke isandla saKho phezu kwabo, futhi izophila.” umJuda.

Kodwa ngenkathi i. . .eya endlini yomRoma, oweZizwe, wathi, “Angifanele ngisho nokuthi Uze ngaphansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje.” Niyabo?

NoJesu waphendukela kumaJuda, wayesethi, “Angikaze ngikubone ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli.” Niyabo?

⁹ Manje, wathini lowomRoma na? “Ngingumuntu ophansi kwegunya, futhi ngiyinduna yekhulu.” Lokho kwakusho ukuthi wayenamadoda ayikhulu, *ikhulu*, amadoda ayikhulu phansi kwakhe. Wayesethi, “Ngi—ngi—ngithi kulendoda, ‘Hamba,’ futhi ihambe; lendoda, ‘Woza,’ futhi uyeza.” Ngokuba kungani na? Wayephezu kwabo, wayeyinkosi phezu kwabo. Futhi wathini ngokutshela uJesu lokho na? Ukuthi WayenguMbusi, wayengabusa konke ukugula, nanoma yini Athi yayifanele ibe njalo. O, leyo akuyona indlela yangempela yokuhlangabezana

nakho na? “Uthi nje indodana yami iyaphila, futhi iyaphila. Khuluma iZwi nje, yilokho kuphela Ofanele ukwenze.”

¹⁰ Manje, eThekwini, eNingizimu Afrika, maduze nje, angazi noma abafana bake bayikhipha leyoncwadi okwamanje noma qha, nge-Afrika, eyabhalwa nguKaputeni uJulius Stadskev, sasingene, eThekwini, eNingizimu Afrika, lapho esaba nemihlangano khona eGoli, futhi, o, he, izinto ezinjalo ezingathatha amahora ukusho lokho iNkosi eyakwenza.

¹¹ Kodwa ngenkathi siya eThekwini, angikhohlwa neze, uSidney Smith, imeya yaseThekwini, wafika wangilanda, futhi wathi, “O, Mfowethu Branham,” wathi, “lona ngumlando wase-Afrika.” Wathi, “Wena...” Wathi, “Kade bethululeka phakathi lapha cishe izinsuku ezinhlanu, futhi,” wathi, “bakude ngezinsuku ezine noma ezinhlanu, okwamanje.” Beletha abathandekayo babo ngenqola eyenziwe ekhaya, indlela ababengathwalana ngayo. Futhi lapho ibhubesi lifika, babafuqela phezulu esihlahleni ibhubesi lize lisuke, bese-ke behla, babalethe, bezama ukubayisa emihlanganweni. Ngokuba babezwile ngalokho iNkosi eyayikwenzile ngale kwenye indawo, eGoli, bese—bese-ke kuba seChelan, neziningi zezindawo.

¹² Futhi ngakho, futhi ngiyanitshela, ubuKristu e-Afrika buyinto eba buthaka, impela bunjalo, ngoba sifundise ukufunda, ukubhala, nezibalo, esikhundleni sokwenza lokho uJesu asitshela ukuba sikwenze, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje, Akazange athi, “Hambani nifundise iZwi.” Wathi, “Nishumayele iVangeli.” Futhi iVangeli liyisibonakaliso sikaKristu ovukileyo, lowo nguMoya oNgcwele. UPawulu wathi, “iVangeli alifiki ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla, izibonakaliso, izibonakaliso eziveziwe zikaMoya oNgcwele.” Bekuzofanele kube ngukugcwalisa uMarku 16.

¹³ Futhi ngangiphuma, uMnu. Sidney Smith, nami, imeya yaseThekwini, siphumela emzileni womjaho lapho... Ngumzila womjaho wesibili omkhulu kunayo yonke emhlabeni wonke. Kwase kuthi-ke lapho babe...Yonke indawo yakhushulwa, yonke indlela ukunqamula umzila, nendawo yayakhiwe ngakolunye uhlangothi. Lolo nje kwakulusuku lwethu lwesibili lapho, sasinokuba olulodwa olusele. KwakungeSonto ntambama.

¹⁴ O, niyazi ukuthi abantu bangasinikeza kanjani isibalo sobuvangeli, abanye babo, “ingxenywe yesigidi,” niyazi ukuthi benza kanjani. Futhi, ngakho-ke ku...Ngehlulela kancane kakhulu kunalokho abathi abantu kwakuyikho.

¹⁵ Kodwa namhlanje abantu bazama ukubona ukuthi bangaki abantu ongabakhipha, lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kungukuthi ngabe uKristu ukhona noma qha, niyabo, leyo yinto esemqoka. Futhi, kungukuthi, ngingaqoka ukuba ngedwa

nje futhi ngibe naYe, kunokuba ngibe nezigidi eziyishumi naYe engekho lapho. Ngi. . . Yinoma yikuphi nje lapho Ekhona, futhi leyo yinto enkulu, akusuye ongathola isixuku esikhulu kunazo zonke, futhi akushwibe emaphepheni nakho konke lokho. Ngani, ibandla eliKatolika lingasishaya sonke kulokho. E-United States, uMnu. Mongameli Kennedy ubengabashaya bonke, ngiyethemba, lapha e-United States.

¹⁶ Ngakho akusizo izixuku, uNkulunkulu akahlali ezixukwini, Uhlala ezinhliziyweni ezithobekile, yilapho Ekhona. “Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Yilokho esifuna ukukubuka, hhayi ezinkulu, izinto ezinezimbali, kodwa i—iqiniso leNkosi uJesus ovukileyo.

¹⁷ Manje, khona-ke kulomhlangano ngiqaphele abangingi kakhulu babo lapho ababenezigqebhezane ezincane emphinjeni wabo. Babengagqoki izingubo, iningi labo, babengabomdabu bakudala. Futhi ngakho, ngathi, “Enzani izigqebhezana ezizungeze umphimbo wabo na?”

Wathi, “O, lokho kumakiwe, bangamaKristu.”

Ngathi, “Futhi bephethe izithixo na?”

“O, yebo, baphatha izithixo, noma kanjani.”

¹⁸ Futhi manje, lokho ngamandla okuqina *okubizwa* ngobuKristu. Futhi ngakho ngi. . . Benzani na? Omunye umama uthumela umntwana wakhe lapho ukuba abe yisithunywa senkolo, futhi acabange ukuthi uyoba nguDavid Livingstone, futhi kwenzekani na? Uhlala ehhotela elihle kunawo onke, nemoto enhle ukuba ayigibele aphumele enkomponi, babe nomdano omncane phandle lapho ngenkathi bewakhipha ezimayini zedayimane, futhi babadlulisele ezinye izincwajana. Bazini ngalokho na?

¹⁹ Kodwa izinsuku zikaDavid Livingstone azikho manje, azibuyeli emenweni. Futhi lokho ngamandla okuqina ezithunywa zenkolo emazweni angaphandle, zizama ukubafundisa, o-ABC. Futhi nenzani na? Nibenza umntwana okabili, kakhulu, wesihogo kunoma babenjalo ngenkathi beqala. Bafika ezansi nedolobha, abesifazane bafanele baphathe izibhamu ezikhwameni zabo zemali, bagweme ukudlwengulwa. Lapho ephandle esizweni, esimweni sakhe sobuzwe, ukahle, into kuphela ayidingayo nguKristu, ngoba une—unemithetho yobuzwe ezodlula ubuKristu noma ngayiphi indlela obuthatha ngayo.

²⁰ Isibonelo nje, kwesinye isizwe lapho, uma owesifazane osemusha engaganile aze abe neminyaka ethize, u—ufanele a—uzofanele asuse epende wobuzwana, ngoba uhlazekile. Futhi ngaphambi kokuba ashade, uhlolwe ubuntombi bakhe, uma etholakala enecala, ufanele asho indoda ekwenzile, babulawa bobabili kanyekanye. Ukuba-ke lokho kwenzekile e-United States na? Bekungaba yinqwaba yokufa, bekungeke yini,

phakathi *kwabizwa* ngamaKristu na? Niyabo, ngakho abadingi izimilo, abakudingayo ngukwazi uMsindisi.

²¹ Ngakho babelapho, bethululeka phakathi lapho. Futhi kukhona umfo oyedwa lapho, futhi, umfo omncane, ehamba ngapho nesithixo esandleni sakhe. Futhi ngathi... Wathi, "Ungathanda ukukhuluma naye na?" Wathi, "U—ungumShangane." BanamaXhosa, namaShangane, naBesuthu, namaZulu, neziningi kakhulu ezehlukene zezizwana. Futhi wathi—wathi, "UngumShangane, ngiyalukhuluma ulwimi lwakhe." Wathi, "Mbize nganoma yini oyifunayo, ngizokuhumushela khona."

²² Nemeya yashayela imoto yayo yenyuka. Ngathi, "Halo, Thomas," Ngambiza ngoThomas ngoba engumKristu ephethe isithixo. Ngase ngithi, "Halo, Thomas." Ngathi, "UngumKristu na?"

"Ya." Wayekhohlelwa ku-Amoyah. U-*Amoyah* yigama, uvela "emandlani angabonwayo" njengomoya, u-Amoya. Wayekhohlelwa ku-Amoyah.

Ngathi, "Pho usiphathelani isithixo na?"

²³ Awu, wayenesizathu esihle, uyise wayesiphatha. Ngolunye usuku ingonyama yalandela uyise, wasibeka phansi isithixo esincane, wybasa umlilo, futhi washo umkhuleko inyanga-mthakathi eyayimtshele wona, ibhubesi lesaba, lase libaleka.

²⁴ Ngathi, "Ngiyi-leeujagter." U*Leeu* yi "bhubesi," *ijagter* ngu "mzingeli." Ngathi, "Ngizingela amabhubesi, futhi ngiyayazi imvelo yawo. Umkhuleko, noma isithombe asizange silesabise ibhubesi, umlilo wakwenza, isilwane siyawesaba umlilo." O, awu, ubeyosiphatha noma kanjani, uma—uma ONgabonwayo ehluleka, lona ubengeke, ngakho nakho amandla okuqina obuKristu.

²⁵ Kodwa ngenkathi lolosuku, ngenkathi umhlangano uqala, ngathumela uBilly ezansi ukuba anikeze amakhadi omkhuleko. O, bakithi! Ubungeke nje ucabange ngento enjalo. Wayengenazo ngisho izingubo zokugqoka ngenkathi ephuma.

²⁶ Abantu, futhi babefanele babenazo, Nginesithombe sakho ngemibala, lapho ababebiyelwe khona ngezizwana, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane. Nganginabahumushi abayishumi nanhlanu, lapho ngiyothi, "UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu," ngangiyohamba ngiyophuza amanzi, futhi ngihlale phansi, kuze kuthi oyedwa... Ngangivame ukuzwa abantu bePentecostal bekhuluma ngezilimi, futhi ngacabanga, "He, lokho ngeke kwalunga." Kodwa emva kwalolosuku ngabona ukuthi kwakuqinisile. Akukho-msindo ongenziwa, ngaphandle uma kusho ukuthi, niyazi, ngikholwa ukuthi iBhayibheli lasho into efana naleyo, "Akukho-zwi elingenakubaluleka." Niyabo, i, ukuthi

kunencazelo kuwo wonke umsindo entweni ethize. Icilongo linikeza umsindo ongaqondakali, niyakubona lokho.

²⁷ Ngakho omunye wabo wayehamba, ngiyothi, “UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu,” omunye wabo uyothi “...?...” [UMfowethu Branham ulingisa umhumushi ongum-Afrika—Umhl.] Omunye athi, “...?...” Lokho ngukuthi, “iNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu.” Futhi—futhi abanye babeyokwenza zonke izinhlobo zokuhixizela ezizakile emphinjeni wabo, njengezinyoni, kodwa lokho kwakuchaza “uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.” Kwahunyushwa ezizweni zabo zabakaMohamede abayizinkulungwane eziyishumi lapho. Futhi ngakho, khona-ke bawuhlobo olufanele lube lukhuni, bavela kumaMede-o-Peresiya amadala, angaguquki, noma angaguququki.

²⁸ Futhi ngakho ngahlangana nesinye isithunywa senkolo, sathi, “Cabanga ngakho, Mfowethu Branham, sengibe lapha iminyaka engamashumi amathathu futhi ngathola igugu elilodwa eliyigugu.”

Ngathi, “Yini leyo na?”

“Ngazuza okaMohamede ebuKristwini.” Manje, leyo yinto ngempela ye—isithunywa senkolo ukuba sizuze okaMohamede ebuKristwini.

²⁹ Ngakho ngalolosuku ngenkathi...Ngathi, “Awu manje, ngeke saba namakhadi omkhuleko ukumisa abantu umugqa, ngakho-ke ngizocela isithunywa senkolo sesizwe ngasinye ukuba sithole okungenani oyedwa noma ababili esizweni ngasinye, futhi babalethe lapha emsamo.” Awu, babenomsamo owakhiwe, into ethize ephakeme kunale, ethe ukuphakama kakhudlwana, yonke indlela enqamula emzileni womjaho, izipikha ezinkulu zihlezi ndawo zonke.

³⁰ Futhi ngathi, ngabacaphunela indaba kaJesu, ngathi, “Manje, mayelana nokuphulukisa, noma insindiso, kuyinto ethize Asevele ekwenzele yona, kungokwakho, ufanele nje ukwemukele, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngendlela efanayo. Kodwa umbuzo osengqondweni yakho,” ngathi, “mhlawumbe, njengoba kunjalo nje e, iningi lemiqondo yamaMelikana, kanjalonjalo, yonke indawo: Ngabe Uyaphila ngempela, noma ngabe i—isiko lamaJuda ukuthi ‘BaMntshontsha ethuneni, futhi baMthatha,’ ngabe—ngabe yilokho na?” Wathi, “Yilokho ozibuza khona.”

³¹ Ngathi, “Manje, into ingukuthi Uzisho ukuthi unguye, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje-ke uma Ekhona, Akayikwenza yini njengoba Enzile izolo na?” Futhi nje abanike indaba esobala. Kungithathe cishe ihora ukukwenza, ngikhuluma nje, ukukuyisa kubo. Ekugcineni, bavuma.

³² Awu, izithunywa zenkolo zazinabantu belayinile. Kwakukhona cishe odokotela bezokwelapha

abayisishiyagalombili noma abayishumi, futhi kwakukhona onke amahlelo ehlukenene enqwabelene lapho evela ndawo zonke.

³³ Futhi enkundleni yempi, asibuza, “UyiMethodisti na? UyiBaptisti na?” Mfowethu, kuzama ukuthola abahedeni lapho, yilokho kuphela. Ngisho nabapristi beKatolika wayelapho egqoke, hhayi njengompristi oyiKatolika, kodwa egqoke izingubo njengabomdabu. Niyabo, usenkundleni yempi-ke.

³⁴ Njengoba nje ngishilo izolo ebusuku, uma siya empini, awusho, “UyiHoosier na? Ngabe uyikhekhe lommbila na? Ungubani wena na?” Lokho akwenzi mehluko, singabento eyodwa, lokho kungokwesizwe. Yileyondlela esimi ngayo ebuKristwini. Yileyondlela ebefanele sime ngayo ekhaya, kanjalo, besiyoba nengaphambili elikhulu kakhulu ukuba silwe ngalo, uma kuphela besingakwenza.

³⁵ Futhi ngakho, manje-ke ngenkathi i...Owokuqala okhuphukayo kwakungowesifazane ongumMohamede, ngase ngithi, “Uyasikhuluma isiNgisi na?”

“Qhabo.”

³⁶ Ngakho umhumushi kaMohamede wafika. Futhi ngakho, owesifazane wayengowohlobo, enechashazi phakathi kwamehlo, kanjalonjalo, enechashaza elibomvu, okusho ukuthi ungokaMohamede ngempela, nokuphika uKristu. Ngakho, ngathi, “Awu, kungani uze kimi, njengomKristu na? Wena, ungokaMohamede, awuyanga ngani kumpristi wakho na?”

³⁷ O, ba, bakholelwa kuNkulunkulu, lowo ngabantwana baka-Ishmayeli. Njalo ekuseni lokho kukhala kwensimbi okukhulu phandle lapho, nompristi uyaphuma wayesethi, “Munye uNkulunkulu weqiniso nophilayo.” Kunjalo. “NokaMohamede ungumprofethi waKhe.”

Siyakholwa ukuthi munye uNkulunkulu weqiniso nophilayo, noJesu uyiNdodana yaKhe.

³⁸ Futhi bathi, “Makube kude noNkulunkulu eneNdodana, uMoya unendodana.” Ngakho abakukholwa lokho. Ngakho khona-ke, kusobala, bafanele babe ngaleyondlela, bangabantwana baka-Ishmayeli.

³⁹ Ngakho manje-ke—ngakho manje-ke ngenkathi, lona wesifazane, ngathi, “Awuyanga ngani kumpristi wakho na?”

Wathi, emuva ngomhumushi, njalo, wathi, “Ngi—ngikhulwa ukuthi ubungangisiza.”

Ngathi, “Sewake walifunda iTestamente eLisha na?”

Wathi, “Ngilifundile.”

⁴⁰ Ngase ngithi, “Manje-ke uma ulifundile iTestamente eLisha, uma uJesu Kristu eyilowomProfethi okwakhulunywa ngaye ukuthi ufanele afike, ngoMose, wakhuluma ngomProfethi owayefanele afike, ngabe Uyoba ngumprofethi na?”

Wathi, “Uyoba nguye.”

⁴¹ Ngathi, “Khona-ke uma Afa wabuye wavuka... Unkulunkulu wakho, umprofethi wakho ufile futhi wembelwa, futhi ethuneni lakhe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili.” Ukushintsha onogada njalo emahoreni amane, kade ngilapho, ihhashi elimhlophe, bemlindele ukuba afique, futhi agibele ezweni ehle. Kodwa ngathi, “Ufile, ithuna laKhe lilapho futhi umbelwe ngaphansi kwalo, futhi akasekho.” Futhi ngathi, “Kodwa Nkosi yethu, uMesiya, umProfethi kaNkulunkulu,” ngathi, “iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi Ilapha emhlabeni, Yena, Ngenkathi Ehamba, Wathumela emuva uMoya oNgcwele waKhe phezu kweBanda ukwenza izinto ezifanayo Azenza, futhi akhombise ukuthi Wayesalokhu engumProfethi phakathi kwabo.” Ngathi, “Uyakukholwa lokho na?”

Wathi, “Uma kunjalo, ngiyakukholwa.”

⁴² Ngathi, “Khona-ke njengokaMohamede kumKristu, noma, umKristu kokaMohamede,” ngathi, “nina, mhlampe, ngithi kulesisigaba nonke ningabakaMohamede, kukhona okungenani izinkulungwane eziyishumi zenu enihlezi phakathi lapha.” Ngathi, “Lona wesifazane, angikwazi ukukhuluma ulwimi lwakhe. Kodwa, manje, uma loJesu enguMesiya, noMesiya, njengoba nginicaphunele khona eBhayibhelini ukuthi Wenzani ngenkathi Elapha emhlabeni ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya, futhi behluleka ukukuqonda, yilabo kuphela ababemiselwe ukuPhila,” ngathi, “khona-ke uma Ubeyophila, futhi ethembise ukuthi imisebenzi Ayenza nathi siyoyenza, ningakukholwa lokho, nina bantu bakaMohamede na?” Base bephakamisa izandla zabo.

⁴³ Ngakho ngaphendukela kuye ngase ngithi, ngabuka ngase ngibona umbono, ngathi, “Manje, umyeni wakho uyindoda emfishane, unamadevu amnyama. Futhi igama lakho ngu...” Ngadingeka ngilipele, angikwazanga ukulibiza.

Futhi waphakamisa isandla sakhe, “Yiqiniso lelo.”

⁴⁴ Ngathi, “Wawusehhovisi likadokotela ngolunye usuku, udokotela wayenempandla, futhi wayengesiyi indoda endala kakhulu, wakuhlola, futhi wathi ubunesimila, noma, isikhwama esinobomvu ebeleni lakho langakwesokunxele. Umyeni wakho wakulinda ehholo.”

Futhi izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wathi, “Yiqiniso lelo.”

Ngase ngithi, “Manje, ini...? Uyamemukela uJesu njengoMsindisi wakho na?”

Wathi, “Manje ngiyamlahla uMohamede, futhi ngemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami.”

Ngathi, “Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngimemezela ukuthi uphulukisiwe. Hamba, udokotela wakho akakuhlole, futhi ungilethele ubufakazi bakhe.”

⁴⁵ Olandelayo ofikayo kwakungowesifazane owayengowesifazane omhlophe, wayeyisiBhunu. Manje, kunomehluko phakathi kwe-Afrika, leyo yindoda emnyama, isiBhunu yiBhunu, umlungu e-Afrika. Ngase ngithi, “Uyasikhuluma isiNgisi na?” Yizwe elikhuluma izilimi ezimbili.

Futhi wathi, “Ngiyasikhuluma.”

Futhi ngathi, “Manje-ke uyakholwa ukuthi uNkulunkulu wathumela iNdodana yaKhe ukuba ife esikhundleni sakho na?”

Wathi, “NgingumKristu, Mnu. Branham.”

Futhi ngathi, “Awu, manje-ke uyangikhulwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?” Ufanele ubhekisise amazwi owashe kubo. Ngase ngithi, “Uyakukholwa lokho na?”

Wathi, “Ngikhulwa ukuthi indaba engiyifunde encwadini yakho iyiqiniso. Ngiyakholwa ukuthi uyinceku kaNkulunkulu.”

⁴⁶ Ngathi, “Manje-ke, uma ngiyinceku kaNkulunkulu, uma bengingakuphulukisa, futhi ngingakwenzi, bengingaba ngu—ngumuntu omubi kabi, uma bengingakusiza noma ngayiphi indlela.” Futhi ngathi, “Indlela kuphela engingakusiza ngayo kungesiphiwo sobuNkulunkulu. Ukuba Ubemi lapha, qobo lwaKhe, Ubengeke enze okunye, ngoba ngokuphulukiswa kwakho, nokunye nokunye, Usevele ukwenzile.” Wakufakazela lokho.

Ngambuka, ngase ngithi, “Uke waya kudokotela futhi, futhi uthe ubunesikhwama esinobomvu esibelethweni.”

Wathi, “Yiqiniso lelo.” Futhi ngabuka, futhi ngabona udwendwe lomngcwabo, ngathi, “Zilungiselele ukufa.”

Wayesethi, “Uqonde ukuthini na?”

⁴⁷ Ngathi, “Awuzukuphila kodwa kancanyana.” Futhi emizuzwini eyishumi, owesifazane wayehlale phansi eduze komyeni wakhe, futhi wawa ngokuhlaselwa yinhliziyi, wayesefile. Futhi, manje, ukuba bengingaba ngumphulukisi, bengiyomphulukisa.

⁴⁸ Futhi ngalobobusuku obufanayo, imeya yedolobha, umngane wayo, wafa, isalukazi, iminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, futhi ngathunyelwa endaweni lapho ayekhona, futhi wavuswa kwabafuleyo. Niyabo? NguNkulunkulu, Wenza nje lokho Afuna ukukwenza.

⁴⁹ Manje, khumbulani, nina enifunda leChristian Business Men, ngenkathi befaka lapho “uvuse abafuleyo,” khumbulani, ngaphambi kokuba ubeke lokho emphakathini, ufanele ube nezitatimende ezibhalwe phansi ezivela kodokotela, kanjalonjalo, ukuthi lokho kuyiqiniso. Futhi yonke into

eniyifundayo phakathi lapho, sinezitatimende ezibhalwe phansi ngakho.

⁵⁰ Leyo—leyongane eyafa lapho eMexico, njengoba ufunda, leyongane yafa ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, kusayinwe ngudokotela, futhi kwakungeleshumi nqo ngalobobusuku ngenkathi owesifazane omncane oyiKatolika emi e, ezansi lapho edazuluka, futhi eqhubeka, lapho abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu noma amashumi amane...Futhi ngathumela uMfowethu Moore ezansi ukuba akhulekele ingane. Futhi bona, ngani, abangenisi abangamashumi amathathu noma amashumi amane abakwazanga ukumkhipha emgqeni, wayegijima phakathi kwemilenze yabo nayo yonke into ezama ukuya phezulu lapho, futhi lina kakhulu impela nje.

⁵¹ Ngabuka phandle ngase ngibona ingane encane imile, imamatheka ingibuka, ngathi, “Yilethe lapha.” Kungangaphezu nje kokubeka izandla kwencane, ingubo yokulala emanzi, nomfo omncane waqala ukukhahlela futhi edazuluka. Wagxumela phansi ukuba athi uYethi Mariya, ngase ngithi, “Lokho akudingekile, nika uNkulunkulu udumo,” futhi waqhubeka.

⁵² Futhi ngakho, khona-ke uMfowethu Espinoza waya kodokotela, wakulandela ezansi ngosuku olulandelayo. Futhi sinesitatimende esisayiniwe esivela kudokotela ukuthi ingane yabulawa yinyumoniya ephindwe kabili ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lokhu kwakucishe kugamenxe eleshumi ngobusuku obulandelayo, ngakho, ngenkathi ingane isiphila, incwadi esayiniwe.

⁵³ Enikutholayo ngeFinland, nginemeya yedolobha, inophawu lwayo uqobo, ukuthi yayimi ikhona ngenkathi umfana wayekade elele efile, egaywe yimoto, futhi wavuswa kwabafileyo ngombono owashiwo lapha eminyakeni emibili ngaphambi kokuba kwenzeke. Niyabo? Ngakho, zonke lezi yizitatimende ezibhalwe phansi ukuthi ziyiqiniso.

⁵⁴ Manje, ukuphela kwaleyomvuselelo ngaleyontambama, noma, ukuphela kwalowomhlangano, kwakukhona omncane, umfana onezinxemu ozayo olandelayo. Nomfo omncane bandla, ubeyo...Beningakutshela ukuthini, indlela abadla ngayo, kodwa bekungakwenza ugule, lokho abakutholayo ukuba bakudle. Uma kugcwele izimpethu, leyo nje yinyama eningi, ngakho abakunaki, niyabo, ba—bakha umnokoloto kuyo, ngakho ba—bayadla. Futhi ngakho waye...igazi laligcwele sonke isisu sakhe esincane.

⁵⁵ Futhi wayengumZulu, umZulu enkulukazi, indoda enamandla. Uphosa iklwa lakhe, ngesandla sakhe, uxhomela ibhubesi emhlabathini, amaShangane, futhi abaningi balabo bangabafo abancane abadedela ibhubesi ligxumele

emkhontweni ngqo, bahudula lokhu, esikubiza ngomkhonto, bakubiza ngokuthi *iklwa*.

⁵⁶ Ngakho, lomfo omncane oza emsamo, ngathi, “Manje, izethameli zingabona ukuthi umfana omncane u—unezinxemu,” ngathi, “noma ubani uyakwazi lokho.” Ngathi, “Manje, bengingekwazi ukuphulukisa umntwana, noma ubani uyazi.” Kodwa ngathi, “Manje, uma uMoya oNgwele ubungembula ukuthi yini eyabangele lokho, noma ukuthi kwenzeke kanjani. . .” Ngabuka umfana omncane, ngase ngithi, “Yebo, uyise nonina kuphakathi kokuthi kukancane babe amaZulu, unina ungowesifazane ozacile kakhulu, futhi bangamaKristu. Eqhugwaneni abahlala kulo, lapho ungena, ngakwesokunene somnyango, kunesithombe sikaKristu silenga odongeni. Nengane yazalwa inezinxemu.” Futhi cishe amayadi ayikhulu ukusuka kimi, umama nobaba basukuma ukuba banikeze ubufakazi ngo—ngomhumushi wesiZulu, wakudlulisa. . .

⁵⁷ Futhi ngenkathi ngisabuka emuva kumfanyana, amehlo akhe ayeqondile nje njengawami, ngathi, “Noma ubani uyabona ukuthi umfo omncane usephulukisiwe, ngakho vele nje umedlulise.”

⁵⁸ Ngakho ngaqala ukuqhubeka, emizuzwini embalwa ngezwa ukuqophisana emuva lapho emsamo ngase ngiqalaza, kwakungomncane, udokotela waseBrithani, nalodokotela omncane wayeqophisana ngakho.

⁵⁹ Futhi ngakho, uMfowethu Ern Baxter. . . Ngiyazi abaningi benu bayamazi uMfowethu Ern Baxter, futhi bangaki abake bezwa ngoF.F. Bosworth na? Ngezwa ukuthi wayene. . . Ngezwa ukuthi kwakungenye yamadoda okugcina eyabamba umkhankaso wobuNkulunkulu wokuphulukisa lapha kulelidolobha, noma, kulelizwe jikelele. Ubungeke ube nokungcono. U.F.F. Bosworth, ngenkathi ngi. . . ngenkathi efa ngambamba ngezingalo zami futhi ngakhala, “Baba wami, baba wami, izinqola zika-Israyeli nabamahhashi bakhe!” Wayeyindoda eyaleta isithunzi namandla ebandleni lePentecostal, uF.F. Bosworth.

⁶⁰ Awu, wayesemsamo. Uyafika, wathi—wathi, “Ngifuna ukukhuluma naye.”

⁶¹ Futhi indoda yathi, “Manje, ngenkathi uMfowethu Branham esephansi kogcobo, uzobangela isiphithiphithi sobuhlanga lapha, noma okuthize,” ngoba babenombutho wezempi phandle lapho empeleni, ubhekisisa, ngoba banezimpi zobuzwe.

Futhi ngakho ngathi, ngaphenduka, ngathi, “Yin’indaba, Dokotela na?”

Futhi wangibuka, wathi, “Waze kanjani ukuthi bengingudokotela na?”

Ngathi, “Unelukuluku ukwazi ngani na?”

Wathi, base-ke bemvumela enyuke, wayesethi, “Mnu. Branham, wenzeni kulowomfana na?”

Ngathi, “Lutho.”

Wathi, “Hlobo luni lwe—lwesigebengu ozama ukusidonsa na?”

Ngathi, “Usho ukuthini na?”

⁶² Wathi, “Lowomfana, wenzeni kuye na? Umthwebulile lowomfana na?” Wathi, “Ngimbeke phezulu emsamo, khona *lapho*, qobo lwami, futhi ubenezinxemu, manje akanazinxemu.” Wathi, “Umthwebulile na?”

⁶³ Ngathi, “Bese kuthi-ke iNhlangotho yezokwelapha yaseBrithani ikunika ilayisense yokuba usebenze ubudokotela, futhi ungazi lutho ngokuthwebula kunalokho na?” Ngathi, “Uma ukuthwebula kuzoqondisa amehlo omntwana, awucabangi yini ukuthi nina bafo benifanele nikwenze, kancanyana, ngokuthwebula na?” Kunjalo, ya.

Futhi wathi, “Nginelukuluku lokwazi, Mnu. Branham.” Wathi, “NgingumKristu, ngikhuliswe ebandleni laseSheshi.” Wathi . . .

⁶⁴ Manje, iminduze yasemanzini lapho, bodade, benifanele niyibone! Emincane yethu ithi ayibe *kanjalo*, eminye yayo ingama intshi ayishumi nesishiyagalombili ukuvundla, emila ogwadule . . . emahlathini, ephuzi, nemhlophe. Kwakukhona izixha ezinkulukazi zayo ihlezi yonke indawo.

⁶⁵ Wathi, “Manje, ngiyazi kukhona uNkulunkulu, ngoba lowomnduze ubungeke uphile ngaphandle kokuphila,” wathi, “lokho kuphila kufihlwe ndawondawo emnduzeni.” Wathi, “Ngiyazi ukuthi kukhona uNkulunkulu, kodwa engophathekayo ngokwenele ukuqondisa amehlo omntwana onezinxemu, angikuqondi lokho.”

Ngathi, “Mnumzane, angizange ngimthinte umntwana. Lokho kwakuphambi kwezethameli lapha, babone umntwana enezinxemu.”

“Phakathi kwalapha,” wathi, “into ethize phakathi kwalapho nalapha yenzeka.”

Ngathi, “UJesu Kristu wamphulukisa.”

Futhi ngakho, uMnu. Bosworth wambamba ngengalo, wathi, “Mnumzane, uzofanele nje ubuyele emuva.”

⁶⁶ Futhi wathi, “Awume kancane nje.” Kwakukhona imayikhi yewebhu enkulu *lapha*, ngoba yayithwele kude kangako, okwebanga lezindlu zasedolobheni eziningana lapho ababelele khona, kanjalonjalo. Wathi, “Umzuzwana nje.” Wathi, “Mnu. Branham, uyangitshela ukuthi uJesu Kristu uphatheka kakhulu ngangokuthi Angenza izinxemu ziqonde ngqo na?”

Ngathi, “Kunjalo, ngokukholwa, uma ukukholwa.”

Wathi, “Manje-ke ngiyaMemukela njengoMsindisi oqondene nami.”

⁶⁷ Futhi ngenkathi ngisuka, eGoli cishe eziyisithupha... cishe—cishe izinsuku eziyishumi kamuva, kwakukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili noma amashumi amathathu phandle lapho bevalelisa, futhi weqa uthango ngaleya kwabaqaphi, futhi wagijima waphuma, futhi wangidumela ngasentanyeni, futhi usephenduke waba yisithunyuwa senkolo, futhi ngenkathi engigaxa ngezingalo entanyeni yami, waqala ukukhuluma ngezilimi, phandle lapho emsa-... phandle lapho endizeni. Manje, yena u, kodwa ungodokotela wezokwelapha kudokotela oyisithunyuwa senkolo emuva emazweni amakhulu ase-Afrika, kulobubusuku.

⁶⁸ Okulandelayo kuza emsamo...Uma nizongixolela ngokuthatha nje lesisikhathi esingaka sobufakazi. Ba... Indoda elandelayo iyafika, bayihola njengenja, yayifakwe iketango entanyeni yayo. Futhi angikwazanga ukuchaza ukuthi—ukuthi kwakuyini, ngoba izethameli ezixubile. Kodwa indoda yayingakaze igeze empilweni yayo, cishe yayineminyaka engamashumi amabili, yahamba ngezandla zayo nezinyawo neketango entanyeni yayo, yayingaphilile ngisho nangokwengqondo.

⁶⁹ Futhi ngakho bayikhuphula. Ngase ngithi, “Lowo osazokufa bandla! Uma noma ubani obengasiza leyondoda futhi angakwenzi, akakufanele ngisho ukuphila bona uqobo.” Ngathi, “Ngingekwazi ukuyisiza, kune... Uma uMoya oNgcwele ubungangitshela ukuthi kwakwenzekeni kuyo,” ngathi, “Ngi—bengingakwenza lokho ngesiphiwo sobuNkulunkulu. Kodwa uma izokholwa,” ngathi, “khona-ke ngizoyikhulekela.”

⁷⁰ Futhi ngakho, ngaqala ukuyibuka, ngathi, “Yazalwa ngaleyondlela.” Futhi kwenzeka ukuba abazali bayo wayengahleli kude kakhulu. Ngase ngithi, “Kodwa manje, selokhu ngithole ukunaka kwayo, icabanga ngomfowabo. Umfowabo wayegibela,” ngathi, “kuphakathi kokuthi imbuzi ephuzi, nomainja ephuzi, futhi i...ulimaze idololakhe, futhi uhamba ngezinduku zokuqhugela ezimbili.” Ngathi, “Mncane kakhulu futhi uzacile kunalendoda.” Kodwa ngathi, “Nomaphi lapho umfowabo ekhona, ISHO KANJE INKOSI, usephulukisiwe.” Ngathi, “Akasadingeki ukuba aphinde ahambe ngezagila zakhe.”

⁷¹ Futhi cishe ibanga elingangendlu yasedolobheni ngezwa ukumemeza, futhi nangu eza, egxuma ngamandla akhe onke, nezagila ezandleni zakhe. Futhi Wathola...Waphulukiswa. Awu, kwase-ke kusithatha cishe imizuzu engamashumi amabili ukubathulisa.

⁷² Ngaleso sikhathi, ngabheka, ngase ngibona umbono ngaphezu kwakhe, indoda yayimile ngokwejwayelekile,

ngacabanga, “O, he! Nasi isikhathi sokuthola izethameli zami manje.” Ngase ngithi, “Uma uNkulunkulu ezokwenza lo ompofu, okhubazekile ukuba aphile, bangaki kini bantu abazokwemukela uJesu njengoMsindisi wenu na?” Futhi ngokubona kwakho, izandla ezimnyama ziphakeme *kanjalo*.

⁷³ Ngangazi ukuthi kwakuzokwenzeka, ngoba ngase ngiwubonile umbono, niyabo. Lapho ubona lokho, lokho sekuphelile-ke, abekho abanele, abekho odeveli abenele abaphuma esihogweni abebengamisa lokho ngaleyonkathi ngoba sekuvele, ngumsebenzi osuqediwe, into kuphela, nje silinde kwenzeke. Yilokho impela iNkosi yethu eyakusho. Yilokho noma ubani weBhayibheli... UJesu wathi, “Angenzi lutho, ngize Ngibone uBaba ekwenza kuqala.” Niyabo? Ngakho kuyikho impela.

Ngakho ngabuka indoda, ngangazi ukuthi yayizosinda, ngakho ngathi, “Kunina bakaMohamede phandle lapho.” Izandla zabo zaphakama.

⁷⁴ Manje, ngathi, “Sukuma ume ngezinyawo zakho, uJesu Kristu uyakusindisa.” Futhi wazama... Niyazi bahlekisa kakhulu izivakashi. Ba—bazama... Ngacabanga ukuthi yayenza umdanso wesizwe, yayithatha izandla zayo *kanje*, indoda empofu engaphilile ngisho nangokwengqondo. Futhi ngathi, “Bengingaqondile lokho, bengingaqondile lokho.”

Nomhumushi wayezama ukuyitshela. Ngathi, “Sukuma.”

Futhi yayithi, “A blrr la blrr blrr,” sengathi yayidansa, niyazi, izama ukwenza, ezandleni zayo nasezinyaweni, ingagqokile, indwangu nje.

⁷⁵ Futhi ngalibamba iketango, ngathi, “Sukuma, uJesu Kristu uyakusindisa.” Futhi ngenkathi ithola lokho... yama ngezinyawo zayo okokuqala empilweni. Lapho, izinyembezi zehlela esiswini sayo esimnyama, iphimisa *kanjalo*.

⁷⁶ Futhi ngibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe beza kuJesu Kristu ekubizeleni e-altare okukodwa. Ngathi, “Bangaki kini abazokwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nabo na?” Futhi izinkulungwane ezingamashumi amathathu zama ngezinyawo zazo. Futhi ngathi... .

⁷⁷ UMfowethu Baxter wathi, “Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi babeqonde ukuphulukiswa ngokomzimba.” Ngathi, “Ngi—ngi,” ngikuthathe kubahumushi futhi, ngathi, “Bengingaqondile ukuphulukiswa ngokomzimba, bengiqonde ukuthi une... wemukela uKristu njengoMsindisi wakho, iNdodana kaNkulunkulu, futhi uma uqotho, phula izithixo zakho emhlabathini.” Futhi kwakubukeka njengesiphepho sothuli, njengokuthi ibhomu le-athomu lishayile, nekhowe lothuli lukhuphuka *kanjalo*.

⁷⁸ Futhi ngakusasa ekuseni, uSidney Smith wangibiza, wathi, “Mfowethu Branham,” ngoMsombuluko ekuseni, wathi, “awukaze ubone lutho olunjengalokhu!” Wathi, “Yiba... Yana efasiteleni lehhotela lakho elibheke ngasolwandle, futhi ubhekisise okuza kwehla ngomgwaqo.”

⁷⁹ Ngase ngibuka, okuza kwehla ngomgwaqo, futhi kwakukhona imithwalo yamaveni ayisikhombisa... Manje, wena owawumazi uF.F. Bosworth, uyazi ukuthi akakuniki ukubaluleka kokuvangela. Ngenza umkhuleko webandla, kwakukhona abantu abane emsamo, ngenza umkhuleko webandla, noF.F. Bosworth walinganisela izimangaliso eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu ezenziwa ngesikhathi esisodwa. Ngani, wawu—wawumkhulu ngokuphindwe kashumi kunePentecost!

⁸⁰ Futhi manje, futhi nakhu, behla ngomgwaqo ngokusa okulandelayo, ayisikhombisa alawo maveni amakhulu ase-Afrika, he, amade kakhulu kunamatrakhhi anezinqola ethu lapha, nje enqwabelene kugcwele okudala... kwezinto ababeziphathile, nezagila, nezinhlaka, nezinqola, nezinto ababebaqhuba ngazo. Futhi lapha babeza ngemuva, babehlezi kulo ngakuthangi, futhi ngosuku olulandelayo behamba behla ngomgwaqo, becula, “Kholwa kuphela, zonke izinto ziyenzeka, kholwa kuphela.”

⁸¹ Ngikuzwile isikhathi esiningi, futhi kuxhuxhumise umphefumulo wami njalo lapho ngikuzwa, ngoba sekube yiculo lami eliyinqikithi iminyaka, kodwa alizange lishaye inhliziyo yami kanjalo ukuzwa amashumi amathathu... zonke lezozinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabomdabu beza behla ngomgwaqo bengasekho empini. Ngathola indawo ephepheni laseThekwini, kwathi phakathi kwesikhathi esiyizinyanga ezintathu, ngiyakhohlwa ukuthi zingaki izibhamu nemithwalo yezinto ababezintshontshile, okwaku, bekubuyisa, base beqedile gesonono.

⁸² Ake ngisho enye into lapha, sifanele ukuba sempucukweni, labo besifazane, bemi lapho, labo besifazane, omunye wabeletha ingane, engahleli emafidini ngaphezu kwamashumi amabili ukusuka kimi. Akazange abe nodokotela, wavele nje waqukula umfo omncane. Inenekazi eliseceleni kwakhe lalinakho, lazala ingane, lanikeza ingemuva elincane, ukuvuselela amandla kwezinto okuqala kuzo ukuphila. Futhi layiphakamisela ebeleni layo futhi liqala ukuncelisa ingane, futhi laqhubeka ngqo liyendezelisa ingane, lingilalele ngishumayela. Bengabasendulo nje njengoba babengaba njalo! Kodwa niyazi ukuthini? Ngokushesha nje lapho bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nabo, bemi lapho bengenalutho ngaphandle kwendwangu encane cishe *kangako* ilenga ngaphambili kwabo *kanjalo*, ngenkathi behiya lowomhlabathi, basonga izingalo

zabo ukuba basuke phambi kwamadoda, ukuba bathole izingubo zokugqoka.

⁸³ Manje, kungani sizibiza ngamaKristu, futhi sikhumula izingubo eziningi njalo ngonyaka na? Manje, angikuqondi lokho, lapho umhedeni oluhlaza emukela uKristu, baqala... bayaqonda ukuthi bahamba-ze, base besonga izingalo zabo, amanenekazi, base besuka bahamba. Nkulunkulu siza iMelika! E—phakathi kwenhliziyo yami, ngizwa izinyembezi ziqathaka, “Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukufukamela, njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso!” Kodwa ake nginxwayise, ihora seliseduze.

⁸⁴ Omunye ushiye imali eyiphepha amadola ayishumi ebekwe lapha, angicabangi ukuthi bekungeyami, ngakho uma kunjalo, e, lapho, mhlawumbe bekusekuqoqweni, noma okuthize, kungokomunye umuntu. Ngethemba ukuthi angi... Ngizoyibeka ngqo ngaphansi kwaleliBhayibheli, noma ngabe ubani, ibilapho ngenxa.

⁸⁵ Manje, ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside, kodwa ngi—ngi—ngi nje, kanye ngasikhathi, ngithanda ukufakaza. Ngizozama ukuba kungabi ngaphezu kwamahora amane kulobubusuku, kulokhu, uma kungenzeka ngikubambe. Futhi ngi... futhi uma ngingaphezu kwalokho, omunye adonse ibhantshi lami, uma ngi... Angiqondile ukwenza ihlaya, kodwa nje ngishilo lokho ngoba inhloso, asivule indlela.

⁸⁶ Futhi ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqambi. Bangaki owazi uBooth-Clibborn, uWilliam Booth-Clibborn na? O, uyisikhulumi! Ushumayela ngezilimi eziyisikhombisa ezehlukene, futhi ungumngane wami wesifuba. Wabhala iculo lami engilithandayo, *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*, futhi uyi...o, wabhala, *Bhekani UMyeni Uyeza*, namaningi alawomaculo. UyiNgisi, kodwa usenhla e-Oregon manje. Uyindoda ekahle, indoda elunge ngempela, kodwa, uyi...O, he, uyazi...Angashumayela iBhayibheli ngesiGreki, aLishumayeke nganoma yini afuna ukuyishumayela, u—ushumayela ngezilimi eziyisikhombisa.

⁸⁷ Ngakho ngolunye usuku yena nami sasiseShreveport noMfowethu Moore, futhi sasixoxa ngento ethize, futhi nganginohlangothi oluphambene lwempikiswano. Futhi ngasho *okunye* mayelana nakho kuMfowethu Booth, futhi wathi, “Kodwa lalala lapha, mfo osemncane,” wathi, “awulazi iBhayibheli lakho nje.”

⁸⁸ Ngathi, “Lokho kungahle kube yiqiniso, Mfowethu Booth, kodwa ngimazi kahle uMqambi.”

Wathi, “Manje, akukuhle lokho na?” Wathi, “UJack, ufanele umthande, noma kanjani.”

⁸⁹ Ngakho, ngingaqoka ukwazi uMqambi, kunokwazi iNcwadi yaKhe, ngoba Uzokwembula iNcwadi uma simazi uMqambi.

Ngakho, ngaphambi kokuba singene eNcwadini, asikhulume noMqambi, namakhanda ethu ekhohle, uma uthanda.

⁹⁰ Onamandla onke omkhulu, oPhakade, uNkulunkulu ongenasiphelo, sisondele ngokuzithoba esihlalweni saKho sobukhosi somusa, ngoba siyaliwe ukuba size yiNkosi uJesu, ngokuthi, “Uma niyocela noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngizolwenza.” Khona-ke siza nesiqiniseko esibusisiwe sokwazi ukuthi sizokuthola esikucelayo, akukho nelilodwa ithunzi lokungabaza ezinhliziyweni zethu. Uma ekhona, sithethelele, Nkosi, ngokuba kuyisono ukungalikhohlewa iZwi likaNkulunkulu nesithembiso saKhe.

⁹¹ Sicela ukuthi uMoya oNgwele uzohamba nathi kulobubusuku, uzongena kulamazwi ambalwa ahleliwe kusukela engqikithini yalendikimba engiyidonsile, kulobubusuku, ukukhuluma kulokhu, ukuthengwa kweGazi laKho.

⁹² Futhi ngiyazi, Baba, ukuthi bengingazizwa kanjani uma bengibambe engilazini, kulobubusuku, amaconsi amabili eGazi langempela leNdodana yaKho eyigugu. Bengiyokugona kanjani enhliziyweni yami, ngifanele ngikubambe emaceleni ukuvimbela izinyembezi zami ukuba ziqathakele kukho, ukwazi ukuthi kwakuyileloGazi elangisindisa, langiphulukisa! NgaleloGazi, ngiba yindodana kaNkulunkulu ngomusa waKhe. Ngingakusingatha kanjani, futhi ngiqaphele ukuthi ngi—ngibeka unyawo lwami kahle nje, bengingefune ukwenza isikhubekiso ukuba ngilichithele ize!

⁹³ Kodwa, Nkosi, kulobubusuku, emehlweni aKho uQobo, Ubeke ezandleni zami igugu elikhulu kuWe kunaleloGazi. Ngokuba Ubeke ezandleni zami, kulobubusuku, ukuthengwa kwaleloGazi, ngokuba, qiniso, Wacabanga kakhulu ngabantu baKho kunoma Wenza ngeGazi laKho uQobo, ngoba Wachitha iGazi laKho ngenxa yabo.

⁹⁴ Manje-ke ngifanele ngisondele kanjani kubo, Nkosi na? Ngobuqotho, ngokwethembeka, inhliziyoy ezinikele ngokugcwele enesiqiniseko, ilindele ugcobo kuMoya oNgwele, ukuthi amazwi engiwashoyo ayohlangana nami ebusweni bami ngoSuku lokwaHlulelwa, lapho abantwana baKho bemi lapho. Nkulunkulu sihawukele.

⁹⁵ Ngikhulekela ukuthi Ungcwelise isikhulumi nozwayo. Gcoba amazwi ukuze awele ezinhliziyweni zabantu, ukuze aveze ngokuphindwe ngekhu, lena yimpokophelo yethu, inhloso yethu ngokubona uMbuso kaNkulunkulu uqhubeka. Nkulunkulu, sikhohle ukuthi yintando yaKho, ngakho kwangathi kungafezeka ukuthi sizobona uJesu Kristu esindisa izoni, abuyisele ekhaya abahlubuki enhlanganyelweni, futhi aphulukise abagulayo ngokukhohlewa eGameni laKhe. Amen.

⁹⁶ Manje, sibeka eceleni yonke imicabango yethu, izinto ezincane esingahle ukuba sizicabangile noma sazisho, asisondele kulokhu ngohlelo lobuNkulunkulu. Ngiyathanda ukufunda iZwi, ngenxa yokuthi izwi lami lizohluleka, ngingumuntu, kodwa ngifunda iZwi laKhe, khona-ke uma kungekho okunye, awutholi lutho olunye, uzothola *okuthize* lapho ngifunda iZwi.

⁹⁷ KuMathewu 12:42, sifunda lamaZwi:

Futhi indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma... ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni.

⁹⁸ Ngithanda ukuthatha lokho kube yindikimba: *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni.*

⁹⁹ Manje, uJesu wayekade esola isizukulwane saKhe ngokungayikholwa inkonzo yaKhe. Ukuthi uNkulunkulu wayekwenze kwacaca kanjani, futhi, nokho, abakukholwanga. Futhi babeze kuYe befuna isibonakaliso, futhi Wayezobapha isibonakaliso. Futhi babazi, futhi bafundiswa kangcono, ukuba bangalokothi bazame ukukholwa isayense yezenkolo eqondile, ngoba kuningi kakhulu...kuningi kakhulu okwalokho. Kodwa uNkulunkulu njalo wayeziqinisekisa Yena uqobo ngesibonakaliso esiqinisekisa isayense yezenkolo.

¹⁰⁰ Manje, uma kukhona izitshudeni zeBhayibheli lapha, okungukuthi ngisekolishi leBhayibheli, futhi ngikhuluma phambi kwabefundisi abakhaliphile, nabafundi, futhi noma ubani uyazi ukuthi eTestamenteni eLidala babenomthetho, lowo kwakuyiMiyalo eyiShumi, futhi khona-ke babenalokho ababekubiza nge-Urimi neThumimi. Leyo-Urimi neThumimi yayiyisibumbatha seziNkanyiso ezazibonisa esivikelweni sesifuba u-Aroni ayesigqoka, zamatshe ayishumi nambili, ayemele izzwe eziyishumi nambili zakwa-Israyeli, amatshe azo okuzalwa.

¹⁰¹ Manje, lapho umprofethi eprofetha, noma umphuphi ephupha iphupho, akunandaba ukuthi kwakubukeka kuyikho ngempela kanjani, isayense yezenkolo ingahle ngokuphelele, iqinisile impela, kodwa ngaphambi kokuba bakwemukele ukuthi kuvela eNkosini, babehlisela kwi-Urimi neThumimi, futhi makuthi lomprofethi aprofethe ngakuleyo-Urimi neThumimi, noma umphuphi asho iphupho lakhe. Futhi uma i-Urimi neThumimi ingazange inyakaze, kwakuyiphutha, kodwa uma i-Urimi neThumimi kwangena kokungaphezu kwemvelo futhi kwenza isibumbatha seziNkanyiso, ngokungaphezu kwemvelo kuvela kuyo, okwesibonakaliso, khona-ke umprofethi wayeqinisele, lokho kwakungukuqinisekisa.

102 Khumbulani uSawulu, ukuthi washo kanjani ukuthi i-Urimi yayingeke imphendule, kanjalonjalo na? Niyabo? Leyo kwakuyindlela yabo yokukwazi.

103 Manje, namhlanje, emva kokuba lobobupristi buka-Aroni sebunqamukile, UNkulunkulu unenye indlela, enye i-Urimi neThumimi, lelo yiBhayibheli. Uma umuntu eshumayela noma yini ephambene, futhi engatholakali eZwini likaNkulunkulu, khona-ke ngizokuyeka kanjalo. Kodwa uma eshumayela okuseZwini, futhi uNkulunkulu abuye futhi aqinisekise ngesibonakaliso se-Urimi ukuthi kuyiqiniso, khona-ke lowo nguNkulunkulu efakaza ukuthi lokho kuqinisele, ukungakukholwa lokho kuzolahlwa.

104 UJesu, amaJuda afundiswa ukuba akholwe ukuthi ayezoba noMesiya, futhi atshelwa ukuthi loMesiya wayezoba ngumProfethi, futhi ayetshelwe ukuthi Uyokwenza isibonakaliso somprofethi. Manje, u-Israyeli wayenendlela yokuhlola umprofethi, ngokuba uma umprofethi eprofethile, nalokho akushoyo akufezekanga, khona-ke wayengesuye umprofethi, myekeni kanjalo, kodwa uma kwenzeka, khona-ke mlaleleni, ngoba uNkulunkulu wayemthumile.

105 Manje, naloMesiya wayeyiNhloko noNkulunkulu wabo *bonke* abaprofethi, Wayephezu kwabo bonke. UNkulunkulu wayenomprofethi oyedwa kuphela omkhulu kunoma yisiphi isizukulwane, babengakaze babekhona ababili ensimini ngesikhathi esisodwa. U-Elija no-Elisha bahamba bebambene ngezingalo, kodwa akazange abe ngumprofethi ngokugwele ize ingubo ende ka-Eliya iqathakela phezu kwakhe, lelo yiqiniso. Niyabo? Babenabaprofethi abancane, kanjalonjalo, kodwa yena, umprofethi ngumuntu ozelweyo, futhi wamiselwa ngaphambili, futhi wagcotshelwa ngaphambili lesosizukulwane, iBhayibheli lifundisa lokho, kunjalo. Ngokwaziphambili kukaNkulunkulu Wabeka umuntu othize walokho.

106 Manje, manje-ke ngenkathi uJesu efika futhi wagcwalisa onke amaZwi a... Wayefanele ukuba *yilowomProfethi*. Anazi yini, baMbuza...?

“Abantu bathi Ngingubani na? Bathini na?”

“Ngabe UyilowomProfethi na?” basho.

“Ushilo.” Niyabo?

107 Noma, “Sibheke umProfethi.” Owesifazane emthonjeni, njengoba sakhuluma ngobunye ubusuku, wathi, “Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyoba yilowomProfethi, Uyilowo Ogcotshiwuyo, Uyosikhombisa isibonakaliso sikaMesiya.”

UJesu wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

Wangena emzini, wayesetshela amadoda, “Lona akusuye yini uMesiya impela na? Ungitshela izinto engizenzile.” Namadoda akholwa nguYe.

108 Manje, khumbulani, Akazange aphulukise noma yimuphi ogulayo, ngoba WayenguNkulunkulu, Wayazi ukuthi uFiliphu wayehla ukuzophulukisa abagulayo emva kwePhentekoste. Wavele wakhuluma nabo nje, akazange enze esinye isimangaliso, kodwa lokho kwafakazisa ukuthi WayenguMesiya, ngoba Wayeyazi imfihlo yenhliziyu.

109 Manje, bangaki okholwayo, kulezizethameli, kanye nani maMethodisti, amaBaptisti, namaPentecostal, nanoma ngabe uyini, bangaki kini abakholwayo ukuthi iBhayibheli liqinisile kuJohane oNgcwele 1, lapho Lithi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu”? Ngabe kunjalo na? Lowo kwakunguKristu.

110 Bangaki okholwayo-ke amaHeberu 4, lapho Lathi, “IZwi likaNkulunkulu. . .” OnguKristu, kunjalo na? UyiZwi eliphilayo. “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi laHlulela ngisho imicabango yenhliziyu.” Sibuyele eZwini futhi, neZwi linathi.

111 Manje, lifika kanjani iZwi leNkosi na? IZwi leza ku, iZwi likaNkulunkulu leza kumprofethi. Abazange babuze, ngoba wayeneZwi leNkosi, ngoba akusho kuyafezeka, ngakho kwakuyiZwi leNkosi.

112 NoJesu uyafika enza lokho, futhi baMbiza ngombhuli, uBelzabule, udeveli. Futhi bebiza umsebenzi kaNkulunkulu ngomoya omubi, Wathi, kwakungukuhlambalaza uMoya oNgcwele futhi akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo.

113 Akumangalisi Wayebasola, ebatshela. Bathi, “Sifuna isibonakaliso,” futhi emva kokuba Esesifakazisile sona impela isibonakaliso sobuMesiya. Futhi babeqhothe kakhulu esayenseni yabo yezenkolo, baze bangafuni ukukubona. Babengafuni nje, yilokho kuphela, kwakusobala phambi kobuso babo.

114 Manje, noma yimuphi umuntu one. . . owaziyo, unomqondo okahle, futhi uzolazi iBhayibheli, uyazi ukuthi uJesu akafiki neze ngokuphambene nomBhalo, Wafika nomBhalo, kodwa Ufika ngokuphambene nesayense yabo yezenkolo. Futhi yileyo ndlela uMoya oNgcwele ofike ngayo ngezinsuku zokugcina, Ufika impela ngomBhalo, kodwa kuphambene nesayense yezenkolo yabantu. Ngabe lokho kusobala na? Niyabo? Lokho, Kufika ngaleyondlela.

115 Manje, Wayebasola ngoba abasikholwanga isibonakaliso saKhe sobuMesiya, futhi babesibize ngomoya omubi. Funda nje okulandelayo. . . sonke isahluko. . . okokuqala kwesahluko, futhi ubone ukuthi kwakwenzekeni.

116 Ngenkathi Etshela uNathanayeli, lapho, ngalolosuku, wathi, “Ngakubona, ungakabikho ngaphansi. . . ngenkathi

uphansi komkhiwane, Ngakubona.” UNathanayeli engumuntu ogcotshelwe ukuPhila okuPhakade, wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli.”

¹¹⁷ Wathi, “Ubusisiwe wena.” Niyabo? “Ngoba Ngikutshele lokhu, ukholiwe na? Ungabona izinto ezinkulu kunalokhu.” Niyabo, uselungele-ke ukuqhubekela phezulu kwenye indawo ezungezile, uthi nje anga...Wayeyobona izinto ezinkulu ngokuthe xaxa, wathi, “Uyokwazi ukubona iziNgelosi zehla, futhi zenyuca, phezu kweNdodana yomuntu,” manje, ngoba wayengena ezindaweni eziphakeme kakhulu.

¹¹⁸ Uma wena nje owemukele uKristu ngokulungisiswa, Memukele ngokungcweliswa, futhi uhlanze impilo yakho, usabhema, bhekisisa ukuthi kwenzekani, kwehluke kangakanani, ubuka emuva ekulungisisweni. Wena, omile nje ulungisisiwe, awuzange wemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wenyukele kuleyondawo ezungezile, bese-ke ubuka emuva phansi kukho konke. Niyabo? Qhubeka nje uhambe, kuze kuthi emva kwesikhashana uthola ukukhanya kakhulu, unгахamba nje wenyukele oHlwithweni. Yenyuka nje ngqo. Niyabo?

¹¹⁹ Sasivame ukucula iculo elidala, “Usuku ngalunye lungilethela umzuliswano owodwa phezulu, phezulu.” Niyabo? Yilokho—yilokho ebefanele sikwenze, singalokothi sibase umlilo ofanayo ezinkundleni ngobusuku besibili, silokho sikhuphuka nje, sikhuphukele phezulu.

¹²⁰ NgangisePhoenix ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi babecula iculo elincane, “Ngiyenyuka, nginyuke, nginyuke.” Futhi wathi, “Wenyuka waze washaya iMilky White Way,” yilokho esifanele sikushaye. “Wase-ke ethatha ukugijimela eKhaya, ngenkathi eshaya iMilky White Way.” Ngakho yilokho esifanele sikwenze.

¹²¹ Kodwa uJesu enza, futhi ekhombisa kubantu baKhe uQobo, impela ngokwemiBhalo, futhi Wacunula kubo, futhi Wathi, “Imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza ngenxa yokungakholwa kwabo.” Manje, lapho bebiza uMoya oNgcwele ofanayo ngalolusuku ngenkohliso, ukufunda ingqondo kwenqondo, ungalindela kanjani invuselelo na? Ungalindela kanjani, lapho uJesu washo ngokusobala, nabaprofethi baprofetha ngesikhathi sokuhlwa lezizinto ziyokwenzeka na? Ngifisa sengathi ngabe besinenyanga ukuhlala lapha futhi sikufundise, ukuze nibone, ngobufakazi obungenaphutha, ukuthi kunjalo.

¹²² Bese kuthi-ke lapho iMelika ikubuka, bahlekisa ngakho, umgingqiki ongcwele, umbhuli, ofunda ingqondo ngengqondo. Noma ubani obengabiza ukwehlukana komoya ngokufunda ingqondo, indoda iyahlanya. Akasazi isinyathelo sokuqala sokufunda ingqondo ngengqondo, ngoba yisayense ephathelene

nokusebenza kwengqondo iyafakazisa ukuthi akazi ukuthi ukhuluma ngani. Kukhombisa ukungazi kwakhe uqobo ngokusho azisho ukuthi uyikho. Akasazi ngisho nesinyathelo sokuqala sesayense ephathelene nengqondo, uma ebiza ukubona okufihlakeleyo kwesayense ephathelene nengqondo komoya.

¹²³ Abantu bayakuthola...Bafanele benze impendulo yento ethize, futhi lapho benza, esikhundleni sokukhuleka futhi bacele uNkulunkulu ukuba akwembule, bavele nje badonse umbono wabo, lowo ngumbono wabo njengoba kuyinsimu yase-Edene, amaqabunga omkhiwane ayemahle ukwedlula onke, ngakho bayakwemukela kanjalo, "Ibandla lami alikukholwa, nalokho kuyakuxazulula." Kuyilokho okwashiwo nguNkulunkulu, hhayi okwashiwo isayense yakho yezenkolo, kuyilokho iBhayibheli elakusho ngakho. Leso yisimo uJesu athola kuso ibandla. Ngakho siyaqonda...

¹²⁴ Futhi manje, angizukunigcina njengoba ngenze izolo ebusuku, uma bengingakwazi ukukubamba. Bangane, ngikhuluma kuphela ngokuphefumulelwa, ngingasho kuphela njengoba Esho ukuthi kusho, futhi kungithatha kanjalo-ke isikhathi eside, ngezinye izikhathi.

¹²⁵ Kodwa ngi-ngifuna niqaphele, ukuthi uNkulunkulu, kuzo zonke izizukulwane, kwehle njalo ngeBhayibheli, Ubehlala njalo enesikhathi saKhe ukuthi ngenkathi Ethumela izibonakaliso zaKhe, izimanga, neziphwi phakathi kwabantu, futhi, ukuze kuthi ekuvukeni okukhulu kukawonkewonke Abe ngonobulungiswa. Ngokuba Angayimela indoda lapha, ungazami ukukuphika khona-ke, "Ngokuba lapha kumi umuntu Akhuluma kuwe ngaye, futhi awunazaba," Akusho ngendlovukazi lapho, niyazi.

¹²⁶ Manje, futhi noma ngasiphi isikhathi lapho uNkulunkulu ake athumela ngaso isipho ezweni, nabantu basemukela, baba...kwakungunyaka wegolide kubo, kodwa ngenkathi bekwenqaba, bangena enxushunxushwini, nenhlekelele, nasekujezisweni. Manje, nina bosomlando beBhayibheli, noma, khuluma nje lapho ngesinye isikhathi beke benqaba iziphwi zikaNkulunkulu nezibonakaliso zaKhe, futhi bake baphumelela.

¹²⁷ Ngesinye isikhathi, ngenkathi beya empini, Wakhuluma, uNkulunkulu wakhuluma kubo, wathi, "Uma nifisa ukuphumelela, ningabalimazi abaprofethi baMi, kholwani ngabaprofethi baMi, uma nifuna ukuphumelela." Awu manje, siyazi ukuthi uma le-United States of America ibingemukela iSipho sikaNkulunkulu esithunyelwe kuyo...

¹²⁸ Okungukuthi eMelika kuhambe abavangeli nezithunywa zenkolo ezaqala imvuselelo yokuphulukisa, umhlaba wonke. NjengeNgelosi yeNkosi, eminyakeni engamashumi amathathu nanye eyedlula, yakhuluma ezansi lapho emfuleni

ngenkathi lokho kuKhanya, iNsika yoMlilo yayilenga lapho, namaphepha ayekuqukethe, *UkuKhanya Okuyimfihlo Kuvela Phezu koMfundisi weBaptisti Wendawo*, umfana, esabhaphathiza amakhulu amahlanu eMfuleni i-Ohio, futhi Yathi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukuFika kokuqala kukaKristu, loMlayezo uyokwandulela okwesibili.” Nakhu la sikhona. Ngabe ikwenzile na? Niyabo? Kusakela lapho kwavusa u-Oral Roberts, uTommy Hicks, ku-Osborn, kanjalonjalo, bazungeza bazungeza umhlaba. Niyabo? Kwakwenza.

¹²⁹ Qaphelani, manje, uma iMelika ibingemukela iSipho sikaNkulunkulu, bekungaba unyaka wegolide kithi, ukuba onke amabandla aseMelika abengamukela iSipho sikaNkulunkulu. Yini iSipho sikaNkulunkulu eBandleni na? UMoya oNgcwele. Ukuba-ke bonke abantu baseMelika abakholwa kuKristu bebeyokwemukela uMoya oNgcwele na? Babengeke bamangale ukuthi ubani ozoba kwisputniki, noma ubani ozoba semshinini ikhulu, amamayela angamashumi ayisishiyagalombili ukuzungeza, ukuthi iBandla beliyoba seNkazimulweni ngaphambi kokuba bathole isiputniki siqale. Kunjalo.

¹³⁰ Futhi awudingi ukukhathazeka nge...Manje, besaba kakhulu. Ngani, uma be-be...besiyokwemukela isiphiwo sikaNkulunkulu kithi, ngani, besingeke sizame ukumba imigodi ukucasha ebhombini le-athomu, futhi wakhapha konke lokhu ukusakaza izindaba ukwakha umpheme ukuba angene kuwo.

¹³¹ Ngifuna ukunibuza okuthize. Basho ukuthi lelibhomu elisha lehayidrojini, futhi yilelo kuphela esazi ngalo, asazi ukuthi banani ngemuva emkhonweni, kodwa bangama eMoscow, eRashiya, futhi babeke ibhomu ngqo kulesisakhiwo ngezinkanyezi, futhi baliqondise ngerada, futhi bawabeka kuzo zonke izizwe ezinkulu, nawo onke amadolobha amakhulu emhlabeni, nje udonse intambo eyodwa, futhi nalo lihamba. Omunye uzophuza ugologo omningi kakhulu ngoluny'usuku, kuyoba lapho-ke.

¹³² Futhi zonke izizwe zimile...Sinento efanayo. Futhi elinye lalawomabhomu lizongena esibukweni serada somunye umuntu ngolunye lwalezizinsuku, futhi nalo lihamba. Futhi lokho bekungenzeka ngaphambi kokusa, kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla liyenyuka. Kunjalo. Ngakho uma lokho kusondele kangako, kusondele kangakanani uma ukuFika kukaKristu na? Lokhu kuzofanele kuhambe ngaphambi kokuba lokho kwenzeke. Angikholwa ukuthi iBandla ledlula ekuHluphekeni, angikholwa ukuthi ukhona umBhalo wokukweseka. Ngi...Manje, uma ngehlukile, nonke nje phosani lokho ngaphandle njengethambo lenkukhu, ngishilo, noma imbewu iphuma i...Niyabo?

¹³³ Kodwa khumbulani, kwakungekho neconsi lemvula elehlayo

kwaze kwathi uNowa wangena emkhunjini, kwakungekho Mlilo owehla nhlobo kwaze kwaba yiSodoma, e, uLoti ephuma eSodoma, UJesu wathi, “Kwakunjalo ngalezozinsuku, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

¹³⁴ IBandla, vele, li, Alidingi ukuba lehlulelwe, Selivele lehlulelwe, ngokuba Lamahlulela uKristu, noKristu wakumela ukwahlulelwa kwaLo. Lapho sikuYe, sikhululekile ekwahlulelweni. Uma uNkulunkulu ekwehlulela, khona-ke Akanabulungiswa, uKristu wasithathela ukwahlulela kwethu. “Futhi ngaMoya munye sibhaphathizelwe kulowoMzimba. Okholwa yiMi unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni,” uJohane oNgcwele 5:24. “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Amen. Lelo yiVangeli. O, sifanele sijabule kanjani nje sibhekisisa futhi silindele lesosikhathi esikhazimulayo! Manje, kodwa iMelika iyakugxeka, ikuphose ngaphandle, baqoka ukuba nesayense yabo yezenkolo.

¹³⁵ Manje, uJesu wabhekisela lapha kuSolomoni, kodwa ngaphambi kokuba Enze lokho, kunendoda eyodwa, lapha, engithanda ukukhuluma ngayo umzuzu nje, nalowo yilowomfo, uJona. Abantu abaningi bala uJona, bathi, “O, unguJona.” Kodwa uJona akazange aphume entandweni kaNkulunkulu. Umprofethi angaphuma kanjani entandweni kaNkulunkulu na? Wayengumprofethi kaNkulunkulu, wayengakwenza kanjani na? Bengifunda incwadi lapha esikhathini esingese esedlule, ngento ethize yayo. Kungahle ukuba kwakuyinganekwane, kungahle ukuba kwakuyiqiniso.

¹³⁶ Kodwa uJona wathatha . . . uNkulunkulu wamtshela ukuba aye eTharishishi. U-Eliya watshela u-Elisha ukuba alibale kwaGileyadi, naye, kodwa waqhubeka. Niyabo? Kodwa sifanele sibhekisise, uNkulunkulu uhola abantwana baKhe, nezinyathelo zolungileyo ziqondiswa yiNkosi, baholwa nguMoya oNgcwele. Ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi wenza iphutha, kodwa uma uMoya ukuhola, hamba ukwenze noma kanjani. UMoya oNgcwele utshela abanye benu bantu abasezihlalweni ezinamasondo, “Sukumani niqale ukuhamba,” hambani noma kanjani.

“Ngizoya kanjani kukho na?”

Akusiwo umsebenzi wakho lowo, lalela nje lokho okushiwo nguMoya. Ukutshela ukuba uze e-altare, uphenduke, ukwenze.

“Umakhelwane wami, umelusi wami. . .”

¹³⁷ Angikhathali ukuthi uthini, Okushiwo uMoya oNgcwele, hamba ukwenze, “Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.” Manje, izikhathi eziningi ngiye emadolobheni, ngangicabanga ukuthi ngenze iphutha, kodwa ngaqhubeka nokulwa, emva kwesikhashana, kwakungesilo iphutha.

¹³⁸ UJona wayefanele aye eNineve. INineve yayiyidolobha elicishe lilingane neSt. Louis phandle lapha, izinkulungwane zabantu, futhi baqhela kuNkulunkulu futhi baqala ukukhonza izithombe. Futhi siyayazi indaba, ukuthi uJona wayefanele ukuya eNineve, kodwa wathatha umkhumbi oya eTharishishi. Ngakho ukuba wayeye eNineve, indaba yayingeke ibhalwe njengoba injalo.

¹³⁹ Ngakho wayesindleleni yakhe ebheke eTharishishi, nolwandle olukhulu luqala ukuduma futhi luqhubeka. Futhi—futhi uJona, elungileyo, indoda eqotho, wabatshela ukuthi kwakuyiso no sakhe, base bembopha izandla nezinyawo base bemphosela ngaphandle olwandlekazi, noNkulunkulu wayenenhlanzi enkulu lapho ukuba imgwinye. Niyazi, bengihlala njalo ngimdabukela uJona, ngoba . . .

¹⁴⁰ Inqwaba yabantu ibukeka njenge . . . Bathi, “Isandla sami sikhubazekile. Awu, ngakhulekelwa, akuhlukile.” “Isisu sami sibuhlungu, akukho kwehluka.” Inqobo nje uma ubuka lokho, awuzukwehluka, ufanele ubuke lokho uNkulunkulu akusho.

¹⁴¹ Lapha esikhathini esithize esedlule, ngahamba ngayokhuleka, cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, ngensizwa, ilele, ibulawa yisifo sohudo esimnyama, umama nobaba bengikhalela ukuba ngize. Awu, nga—ngaya lapho, nodokotela wayengudokotela oyiKatolika, futhi akangivumelanga ukuba ngingene, wathi, “Uyindoda eganiwe na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

“Unabantwana na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Angikwazi ukukuvumela ungene,” wathi, “lokho kuyathathelana.”

Ngathi, “Mnumzane, ngi—ngingumfundisi weVangeli, ngi . . .”

Wathi, “Anginandaba,” wathi, “lokho kuyathathelana, awunokolotiwe kukho.”

Ngathi, “Awu, lokho kungaba yiqiniso, futhi, kodwa uNkulunkulu uzonginakekela.”

Wathi, “Lalela, mnumzane,” wathi, “Angikwazi ukukuvumela ungene.”

Futhi ngathi, “Awu, umama nobaba bemi lapho bekhala, ukuthi . . .”

Wathi, “Umfana uyafa, kade efa emahoreni angamashumi amabili-nane okugcina.”

¹⁴² Ngathi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona, Dokotela. Manje, siyehluka e—esayenseni yezenkolo,” Ngathi, “wena uyiKatolika, nami iProtestane, kodwa,” ngathi, “sikhonza

uNkulunkulu ofanayo, wena nje uthatha umgwaqo ohlukile. Kodwa ngithanda ukukubuzisa okuthize: Uma lowo bekungumfana oyiKatolika elele phakathi lapho efa, nompristi wayemi lapha, nalowomfana wayekhala, emfuna, nobaba nomama bencenga umfana ukuba emukele imikhuba yokucina yebandla, ubungamvumela angene na?”

Wathi, “Ngani, impela!”

Ngathi, “Ngisho kakhulu impela kubo, njengoba umpristi engenza kulokho, umfana oyiKatolika.”

Futhi wathi, “Kodwa awume kancane, umpristi akasiyo indoda eganiwe, wena uyiyo.”

Futhi ngathi, “Uma ngivuma ukusayina isitatimende ukuthi ngi—ngibophezelekile . . . Futhi ngeke kwenzeke kimi.”

¹⁴³ Ekugcineni ngamncenga, futhi wangigqokisa njengeKu Klux Klan, futhi—futhi, ebusweni bami bonke, futhi ngangena lapho, futhi kwakukhona umhlengikazi omncane lapho, nomfana wayesequlekile izinsuku ezimbili. Futhi angiqondi lutho ngomuthi, kodwa, empeleni, bamhlola ngekhardiyogramu, nolunye uhlobo *lwentothize* eyehla njalo ngesandla, futhi nje wayephila kanzima, ngiyakhohlwa ukuthi inhliziyi yakhe yayishaya kangaki ngomzuzu.

¹⁴⁴ Futhi ngakho, ubaba omdala nomama bemi lapho, bathi, “O,” wathi, “Mama, buka, uMfowethu Branham ulapha, kuzoba . . . iNkosi izophulukisa manje.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁴⁵ Ngamkhulekela, ngathi, “Baba waseZulwini, ngiza lapha manje, njengenceku yaKho, ngiza nokukholwa, ngi . . . Ungingenise ngandlela thize, kakhulu ngaleya kwalowodokotela, wampintsha ngale kancanyana futhi wangivumela ngingene. Futhi manje, ngibeka izandla phezu kwalomfana oligugu, ofayo, futhi ngibiza impilo yakhe ukuba ibuyiselwe kuye, eGameni likaJesu Kristu.” Ngasukuma.

Futhi umama nobaba baqala ukugonana, bethi, “Akumangalisi, Mama na?”

Ngase ngithi, “Uyakholwa na?”

“O,” wathi, “impela!”

¹⁴⁶ Ngakho ngaqhubeka, ngaqala ukuphuma, nomhlengikazi omncane wawelela lapho. Futhi babememeza nje, futhi bedumisa uNkulunkulu ngokuphulukiswa komfana, akazange anyakaze, nomama, umama omncane nobaba bethokoza.

¹⁴⁷ Ngakho, umhlengikazi uyafika, wathi, “Mnumzane,” wathi, “Ngiyakholelwa e—ekukholweni, qobo lwami,” wathi, “kodwa ungama kanjani lapho futhi uqhubeke kanjalo, nomntwana wakho kuphela elele lapha, efa na?”

“O,” ubaba wathi, “akafi, uyaphila, uzophila.”

“Ngani,” bathi, “uyicabanga kanjani into enjalo na?”

Wathi, “Ngani, uyaphila, impela.”

¹⁴⁸ Wathi, “Lalela, mnumzane,” wathi, “kuhle ukuba nokukholwa, futhi sonke siyakholelwa ekukholweni kuNkulunkulu.” Niyabo, nakho kubuyela emuva leyo sayense yezenkolo ebhasteliwe futhi. Niyabo? Futhi wathi, “Kodwa,” wathi, “lapho lesosandla. . .” Noma ngabe kwakuyini, manje, uma kukhona udokotela okhona, angazi ukuthi kwakuyini, kodwa ngandlela thize, njalo, lapho kuke kwehle kangako, lokho kushaya kwenhliziyo kunalesisifo, akukaze kwaziwe emlandweni ukuba kuphinde kubuye futhi.

¹⁴⁹ Ikhehla elingwele lagaxa izingalo zalo entanyeni yomhlengikazi omncane, lathi, “S’thandwa,” lathi, “uqeqeshelwe ukubuka lowomshini, yilokho okwaziyo ngakho.” Lathi, “Angikusoli, lokho kwenze inqwaba yezinto ezinhle.” Lathi, “Kodwa, uyabo, kuya ngokuthi ubukani,” lathi, “ubuka ukuthi lowomshini uthini, ngibuka ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sithini.” Nalowomfana uyisithunywa senkolo e-Afrika kulobubusuku, uyise wabantwana ababili, eshumayela iVangeli.

¹⁵⁰ Kuya ngokuthi ubukani. IBhayibheli, umKristu, ubuka Okungabonwayo, hhayi lokho okubona lapha, kodwa Lokho uNkulunkulu akusho, Kuyisithembiso. Ungakhathali ukuthi isayense ithini noma yini, kuyiLokho uNkulunkulu akusho.

¹⁵¹ Niyazi, abantu bakhuluma ngezimpawu, ngicabanga ukuthi uJona wayenesimo esibi kakhulu sezimpawu engake ngazi ngazo. Khumbulani, wayesesiswini somkhomo, futhi manje, wayephandle le olwandle uhambo lwezinsuku ezithi azibe mbili, mhlampe kwakungamafatome angamashumi amane ukujula lapho, futhi kwaba nesiphepho olwandle, nezandla zakhe zaziboshelwe emva kwakhe.

¹⁵² Futhi niyazi ukuthi wayenzani na? Inhlanzi lapho idla, iba nesisu esigwele, yehlela phansi ekugecineni kolwandle ukuba iphumule. Vele uphakele inhlanzi yakho yegolide futhi ubone ukuthi kwenzekani, iyehla ukuyophumula. Ngakho, yayinalomprofethi esiswini sayo, igcwele kahle impela, ngakho ye—yehla ukuyophumula.

¹⁵³ Futhi wayelapho nezandla zakhe ziboshwe emva kwakhe, futhi uma ephenduke ebuhlanzweni bomkhomo, ngenkathi ebuka ngalendlela, kwakuyisisu somkhomo, ngalendlela, kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebuka kuyo kwakuyisisu somkhomo. Manje, akukho-muntu lapha kulesosimo esibi kulobubusuku, niyakwazi lokho.

¹⁵⁴ Kodwa niyazi ukuthi lowomprofethi wathini na? Wenqaba ukubona isisu somkhomo, wathi, “Ziyize zamanga, angeke ngizibuke.” Wathi, “Kodwa ngiyophinda ngibheke ithempeli laKho elingwele.” Ngokuba ngenkathi uSolomoni enikela

ithempeli, wakhuleka, umuntu, umuntu wasemhlabeni owathi kamuva wahlubuka, futhi ngenkathi enikela ithempeli likaNkulunkulu, wakhuleka, wathi, “Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni nomaphi, futhi babheke ngakulendawo engcwele futhi bakhuleke, khona-ke yizwa useZulwini.” Wayenalelothemba elikhulu emkhulekweni kaSolomoni, indoda ngasethempelini lasemhlabeni.

¹⁵⁵ Futhi uNkulunkulu, angazi ukuthi Wenzeni, Ufanele ukuthi wafaka ithangwe lomoya-mpilo phakathi lapho noma okuthize, kodwa Wamgcina ephila izinsuku ezintathu nobusuku, futhi wamkhulula eNineve, lapho ayefanele ukuya khona.

¹⁵⁶ Futhi uma uJona wayengaba nalokho kukholwa okungako emkhulekweni womuntu, umuntu wasemhlabeni owahlubuka kamuva, etabernakele lasemhlabeni elakhiwe ngezandla, kakhulu kangakanani, ngaphansi, thina, ngaphansi kwalezizimo, singaba nokukholwa eGazini likaJesu Kristu, Ohleziyo, hhayi ethempelini lasemhlabeni, kodwa ngakwesokunene sikaNkulunkulu uBaba nezingubo zaKhe uQobo ezineGazi, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu! Singaphika kakhulu kangakanani-ke noma yiluphi uphawu oluphambene nokukholwa kukaNkulunkulu okusiholayo! Singayenza kanjani into enjalo na? Manje, ngifuna ukunitshela, uJona wayengesikho konke lokho, kodwa yena, futhi, uJona wayesentandweni kaNkulunkulu.

¹⁵⁷ Manje, abantu base beqale ukukhonza izilo nezilwane, yilokho abahedeni abakwenzayo, bakhonza izilwane. Ngibona bonke lababantu, lezizinja ezindala nxazonke, besebenzisa ukuvimbela inzalo, ngikholwa ukuthi sekuthi akubuyele eMelika nje, futhi.

¹⁵⁸ Ngakho manje-ke siyabuya, futhi sithola ukuthi bakhonza... unkulunkulu wolwandle wayengumkhomo. Babengabadobi ngomsebenzi, bonke abantu babephandle bedoba ngamanetha abo. Futhi ngolunye usuku cishe ngeleshumi nanye nqo emini, nakhu kungena unkulunkulu wolwandle, umkhomo, wavuka ephuma olwandle. Onke amadoda esaba, ngoba unkulunkulu omkhulu wolwandle wayengena. Wagijima wenyukela osebeni, wakhotha ulimi lwakhe walukhipha esikhwelweni, nomprofethi wasuka wahamba ngqo, futhi uqala ukuprofetha, “Phendukani, kungenjalo lendawo izobhubha ezinsukwini ezingamashumi amane!” Wehla ngqo wadabula emgwaqeni wahamba, nekhandla lakhe elinempandla licwebezela, “Phendukani, kungenjalo lendawo izobhubha! Phendukani, kungenjalo indawo izobhubha!” Impela, unkulunkulu wakhafula umprofethi, impela. UNkulunkulu uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto, Uyazi nje ukuthi kwenziwa kanjani yonke into isebenze kahle.

¹⁵⁹ UJesu wabhekisela kuye lapha, “Isizukulwane esibi

nesiphingayo sifuna izibonakaliso,” Washo, sifuna izibonakaliso. Kodwa Wathi, “Bayokwemukela isibonakaliso, ngokuba njengoJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo neNdodana yomuntu . . .”

¹⁶⁰ Manje, ngifuna ukunibuza okuthize, ngokushesha manje, ngoba ngiyabona sifanele siphuthume, ngifuna ukunibuza okuthize: Yisiphi isizukulwane Ayekhuluma ngaso na? Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo njalo unempendulo eyinhlanganisela na? Impela, uyakwenza. “ENineve . . . Ngibize iNdodana yaMi iphume eGibhithe,” uMathewu 3, bhekisela emuva lokho okuphathelene, kwakunguJakobe indodana yakhe Ayibizela ngaphandle, futhi uJesu iNdodana yaKhe. Niyabo?

¹⁶¹ Kulungile, manje, uma Wayekhuluma ngesizukulwane esibi nesiphingayo, kwakuyilesizukulwane, esibi, nesingcolile, isizukulwane esiphingayo, futhi Wathi bayokwemukela isibonakaliso. Manje, gqokani amakepisi enu, gqokani, vulani inhliziyayo yenu, ngaphandle kwalokho khiphani ifoneli yokomoya ukukubamba, khumbulani, Wathi, “Lesizukulwane esibi nesiphingayo siyokwemukela isibonakaliso.” Nhloboni yesibonakaliso na? “Isibonakaliso sokuvuka.” Niyakuthola na? UKristu ephila, kulobubusuku, phakathi kwethu, enza izinto ezifanayo Azenza. “Isizukulwane esibi nesiphingayo siyokwemukela isibonakaliso sokuvuka.” Yilokho impela, khona impela imiBhalo eyakwethembisa, “bayokwemukela isibonakaliso sokuvuka.”

¹⁶² Manje, ngokushesha emicabangweni yami yokuvala, ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi esiningi, kodwa asinaso. Khona-ke Ufika kuSolomoni. Ngezinsuku zikaSolomoni . . . Manje, nginakisiseni cishe imizuzu eyishumi. Ngezinsuku zikaSolomoni, kwakungunyaka wegolide, uNkulunkulu wapha isiphiwo emhlabeni, kwakuyisiphiwo sokubona okufihlakele. USolomoni wayenokubona okufihlakele. Bangaki okwaziyo lokho na? Futhi wayekwazi ukwehlukanisa, ngoba kwakuvela kuNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu lalinoSolomoni, wayekwazi ukubona okufihlakele. Awu, bonke abantu babuthana ngakulesosiphiwo, o, he. Futhi noma yimuphi umfundisi uyazi ukuthi lowo kwa—lowo kwakungunyaka wegolide ka-Israyeli, akukho-zimpi, futhi bakha ithempeli, futhi yonke into yayinokuthula, futhi yonke into, igolide- . . . ngoba bemukela isiphiwo uNkulunkulu asithumela.

¹⁶³ Futhi ngalezozinsuku babengenayo ithelevishini, bonga iNkosi, kodwa bona, futhi bona . . . ukuphela ababefanele ba—baphathe izindaba kwakungumlomo nomlomo. Futhi lonke udwendwe oludlulayo lwaluzwa ngalesisiphiwo esikhulu, babewelela ebandleni likaSolomoni futhi basibuke, bese-ke ebuyela emuva futhi bakuyise esizweni, udumo lwakhe lwaze lwahlakazeka ndawo zonke.

¹⁶⁴ Ezansi le eSheba, kuphawule ebalazweni lakho ukuthi kukude kangakanani, kuthi ngqu ezansi ngaphesheya koGwadule iSahara, abantu bedlula, ezansi lapho kwakukhona indlovukazi encane ezansi lapho, futhi yezwa ngodumo. Wonke umuntu wayedlula, wayedlula eGibhithe ethi, “O,” noma, adlule kwa-Israyeli, uyothi, “ufanele wenyukele kwa-Israyeli. O, uNkulunkulu wabo unguNkulunkulu ophilayo, Uyahamba phakathi kwabo. Banendoda enhla lapho, igcotshwe ngoMoya waKhe, futhi yenza izinto umuntu angeke azenza, kungokungaphezu kwemvelo.” Nendlovukazi encane iqala ukuzwa ngakho, wonke umuntu ekhuluma ngakho.

¹⁶⁵ Ukuba-ke besingahamba nje sikhuluma ngoNkulunkulu wethu kanjalo, ukuthi Uwunikeza kanjani uMoya oNgcwele, nokuthula, nokujabula, ukuqonda na? O, bekungeke kumangalise na? Manje, “Ukukholwa kuvela ngo [Ibandla lithi, “Ukuzwa.”—Umhl.] ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Manje, inhliziyi yakhe endala iqala ukulamba. Uyazi, ungeke wakhuluma ngoNkulunkulu ngaphandle uma kwenza inhliziyi yakho ilambe, uma kukhona noma yini kuwe, empeleni. Ngakho, inhliziyi yakhe encane iqala ukulamba, “O, angazi noma ngabe lokho kuyiqiniso na?”

Udwendwe olulandelayo luyafika, “Kade uphezulu kwa-Israyeli na? Bangitshela ukuthi banemvuselelo eqhubekayo enhla lapho.”

“Ya. Yebo, yebo, yebo.”

“Uyibonile na?”

“Ya. O, ngiyakutshela, angikaze ngikubone okunjalo! Ngani, akukho-sidalwa esingumuntu emhlabeni esake saziwa! Lokho kuhlakanipha, lokho kubona okufihlakele kuphelele.”

“Ukubonile na?”

¹⁶⁶ “O, kusebenze kimi, ngiyazi bekuyikho. Uyabo? Impela, kwakumangalisa. O, ubufanele ngabe ukubonile. O, leyondoda, yona—yona, ngani, bekungeke kwaba yindoda, ngi—ngizwe isandla sayo, ngayixhawula, igqoka izingubo njengoba senza, kodwa igcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi inika uNkulunkulu lonke udumo. Wathi uNkulunkulu uyinika isiphiwo sokuhola abantu. O, yonke into ikhazimula kanjani! Ufanele ukubone.”

¹⁶⁷ Ukukholwa kuvela ngokuzwa. Manje, namhlanje besizothi, “A, *mm!* SingamaMethodisti. SingamaBaptisti. Asihlanganise lutho nalolohlobo lwezinto, qhabo.” Leso—yingalesosizathu singafinyeleli ndawo. “Abagingqiki abangcwele, lesosigejane samaPentecostal na? Qha! A, *phh!* Akukho lutho kulesosigejane sabagingqiki abangcwele.” Niyabo, qhubeka, igama lethu lisebhomini phandle ngaleya ndawondawo. Si—sizowuthola, sizowuthola umvuzo, ningakhathazeki, ngakho-ke, benza ngosuku abenqaba ngalo uJesu, benza ngosuku abenqaba

ngalo bonke abanye, benqaba uNowa, futhi kwehle njalo. Futhi uNkulunkulu akehluleki neze, Uhlala efana njalo, ngakho sizokuthola.

¹⁶⁸ Manje, siqaphela into yokuqala eyenzeka. Manje, ake sibhekisise nje eminye imizuzu e—embalwa. Manje, indlovukazi encane iqala ukoma, ilamba futhi yoma. Wathini uJesu na? “Babusisiwe abalambele bomele ukulunga.” Nje ngisho noma ngabe banakho noma qha, bakomele nje, ubusisiwe. Ngakho, yathi, “Kufanele ngihambe ngibone!”

¹⁶⁹ Ngakho manje into yokuqala eyenzayo, ifanele iyobona umelusi wayo—wayo, umbhishobhi wayo, niyazi, ngaphambi kokuba ize, ngakho, niyazi, iyisicukuthwane, niyazi. Ngakho, sengiyayibona inyuka, ithi, “Fata ongwele, bangitshela ukuthi ama-Israyeli, phezulu lapho, unemvuselelo eqhubekayo, noNkulunkulu wabo wehlile, ephila kumuntu, futhi unokubona okufihlakeleyo okunamandla, futhi akukho lutho olunjengakho.”

¹⁷⁰ “Ndodakazi yami, *ahe, ahe*, ngingufata ongwele ohloniphekile, futhi uyaqonda ngempela ukuthi uma bekukhona noma yini emgqeni wokungaphezu kwemvelo okuqhubekayo, ibandla lethu beliyoba nakho.” Sisenabo, niyazi. Ngakho, “Ungazikhohlisi kulesosigejane, leso yisigejane esingafundile enhla lapho. A—ayikho into enjalo, lokho kungukuzensisa nje, akukho lutho kukho. Ungenyuki.”

¹⁷¹ “Awu,” yathi, “Buka, ukuba bekusebandleni lethu, pho kungani ngingakuboni ebandleni lethu na?” Lowo ngumbuzo omuhle. “Angikuboni ngani na? Manje, kade ngilapha, nogogo wami wayengowalelibandla, ugoro wami nomkhulu babengamalunga lapha, ukhokho wami nogogo wayelapha, futhi asikaze sibone nowodwa umnyakazo wanoma yini engaphezu kwemvelo. Ngakho manje ungitshela konke okwalokhu, nalezizithixo kanjalonjalo, futhi unenqwaba yezincwadi lapha, nenqwaba yesayense yezenkolo, kodwa angikuboni, kodwa bangitshela ukuthi iNto ethize iyaphila phezulu lapho,” amen, ngiyakuthanda lokho, “Into ethize engeyangempela, Into ethize engaziveza Yona.” Haleluya! Hhayi okubhasteliwe, kodwa Ingaveza into efanele.

¹⁷² Awu, wathi, “Manje, ndodakazi yami, lalela, uyaqonda ukuthi unokuma emphakathini na? Ungowekiwa-... , onke lamaklabhu, nezinto, uma uhamba, uyazi ukuthi kuzokwenzekani na?”

“Angikhathali ukuthi kwenzekani.” Mfana, lapho owesilisa noma owesifazane eyolambela uNkulunkulu, akukho lutho oluzobamisa.

¹⁷³ Ibuyela emuva ezansi, ngifisa sengathi besingalibala isikhathi eside kukho, kodwa sifanele siphuthume, ngakho ibuyela emuva ezansi, futhi yathi, “Uyazi ukuthini? Ngiyahamba

noma kanjani, ngakho angikhathali uma bengixosha ebandleni, futhi basuse igama lami encwadini, ngiyahamba noma kanjani. Akwenzi mehluko, uma ibandla lethu lingabambisani nakho, lokho akusho lutho, ngiyahamba ngoba Into ethize enhliziyweni yami ingitshela ukuthi kukhona uNkulunkulu ophilayo ndawondawo, ngizimisele ukuMthola.” Amen.

¹⁷⁴ Manje, lapho uthola lokho, akukho lutho oluzokumisa, akukho-fata abangcwele, noma ababhishobhi, noma akukho okunye okuzokumisa, akukho mikhosi yobuhedeni, noma akukho sayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, kumbe noma yini enye, uma uNkulunkulu efuqa enhliziyweni yakho. Uma Engenjalo, maye kini, uNkulunkulu abe nomusa kini.

¹⁷⁵ Khona-ke siyathola, yathi, “Awu, manje, uma besusa igama lami encwadini . . .”

Bonke odade bazungeza, bathi, “Wena uyindlovukazi.”

¹⁷⁶ Yathi, “Angikhathali ukuthi ngingubani, ngifanele ngiphendule lolubizo olubizayo.” Lapho utwa lubizana notwa, kuzofanele kube khona utwa lokusabela kulolobizo. Kunjalo. Ngaphambi kokuba kwakukhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi, kuqala, ukuba ibhukude kuwo.

¹⁷⁷ Uma ukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, uyakwenza na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lokho kukhombisa ukuthi kukhona ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ndawondawo, kunjalo, ngoba ubungeke ube nalokho kulangazelela.

¹⁷⁸ Ngathola umfanyana, ephepheni ngolunye usuku, lapho ayekade edla khona amarabha amapensela akhe, nonina wamthola edla isishovo sebhayisikili. Bamehlisela endlini yokucwaningela ukuba, noma, emtholampilo ukuba bamhlole, bathola ukuthi umzimba wakhe omncane wawudinga isibabule, wasithola erabheni. Ngani na? Kulapho-ke isibabule sikhona, erabheni. Niyabo, ngaphambi kokuba kubekhona ukunxanela isibabule, kwakufanele kube nesibabule ukuphendula kulokho kunxanela. Ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kubekhona uMdali ukudala okudaliweyo. Haleluya!

¹⁷⁹ Futhi uma, kulobubusuku, silapha silambeke ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu, kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo. Ulambeke okuningi kukaNkulunkulu, kukhona okuningi kukaNkulunkulu ndawondawo, kungenjalo ubungeke ube nokulamba. Lowo ngumthetho wakho kuphela, kaNkulunkulu, omunye wemithetho yaKhe, njengokuhlwaneyela nokuvuna, kanjalonjalo.

¹⁸⁰ Qaphelani manje, yazilungiselela, yathi, “Manje, awume kancane, kungahle kungabi yiqiniso, angazi, kodwa ngikholwa ukuthi yilo. Ngakho, niyazi, uma kuyiqiniso, ngizothatha inqwaba yemali, ngizokweseka, futhi uma kungesilo iqiniso, ngingabuya nemali yami.”

181 Ku, niyazi, bekungabasiza abantu bePentecostal ukuthatha iseluleko sayo. Abantu abanengi kakhulu besekela izinto emsakazweni ezihlekayo, futhi bakubiza ngomgingqiki ongcwele, bahlekise ngani, futhi nokho nesekele izinhlelo zomsakazo ngezinto ezinjengalokho, ngenhle yenu, imali eniyisebenzele kanzima. Bengiyoyifaka lapho eyenze khona kahle ngempela. Kunjalo. Abefundisi abazange bangitshela ukuba ngisho lokho, angikhulumi namuntu ngesikhathi semihlangano, ngingedwa emakamelweni. Kodwa lelo yiqiniso, uma liqinisele, alibizi imali yakho kuphela, libiza impilo yakho, libiza yonke into. Uma kungalungile, kuyeke kunjalo.

182 Ngakho, ngiyacabanga lathenga yonke imiBhalo egoqwayo, futhi lazama ukufunda ukuthi uJehova wayeyini. Leyo yindlela enhle, thola ukuthi Uyini, khona-ke uyabona ukuthi ngabe nguYe noma qha.

183 Yileyondlela abantu abebefanele benze ngayo namhlanje, bafunde ukuthi uJesu ubeyini izolo, bese-ke nibona ukuthi ngabe nguYe namuhla. Kunjalo. Bonani uma Eziphatha ngokufanayo namhlanje njengoba Enza izolo, nibone uma kunguMoya ofanayo, uNkulunkulu ofanayo yonke indlela eBhayibhelini, nibone ukuthi ngabe nguYe yini, nibone uma Ekhombisa izinto ezifanayo, khona-ke uma isayense yakho yezenkolo iphambene nalokho, susa isayense yakho yezenkolo bese uthola uNkulunkulu. Kunjalo.

184 Manje, khumbulani manje, bukani, yayinenqwaba yezingozi ukuba idlule kuzo, leyondlovukazi encane yayinokuningi ukubhekana nayo. Khumbulani, yenzani na? Cishe yazithungathela ibutho elincane, isigejane sabathenwa, nezinye izintombi ukuba zihambe nayo. Futhi khumbulani, yayinezindlela ezinde ukuzihamba. Futhi ngaphandle kwalokho, abantwana baka-Ishmayeli wayesogwadule, futhi babengabaphangi. Awu, bekungaba yinto elula kanjani ngakho konke lokho...Yayithathe igolide eliningi, izinongo owawungazi lutho ngakho, umhlaba wonke, namakha, namagugu amakhulu anenani elikhulu. Ngani, lokho okuncane...lawo ma-Ishmayeli, labo bagibeli abahamba ngezinyawo abanengi babengagibela lapho, futhi babulala leyobhendi encane, futhi bathatha leyomali, futhi bahamba, emizuzwini embalwa.

185 Kodwa niyazi, lapho kukhona okunyakaza enhliziyweni yakho ukuthola uNkulunkulu, awazi-kwesaba. Uthi, "Ngingahamba, Mfowethu Branham na?" Ngempela ulambebele ukuhamba, uNkulunkulu ukufaka enhliziyweni yakho...Wena uthi, "Ngingahle ngenze iphutha." Ini? Iphutha? UNkulunkulu uzokwedlulisa kukho, ungalokothi ukhathazeke ngalokho, uma uNkulunkulu ekutshela enhliziyweni yakho.

186 Uthi, "Mfowethu Branham, ngi—ngingathanda ukuba...

Ngingathanda ukushumayela lonke iVangeli, kodwa—kodwa ngiyesaba uku, bayongixosha ebandleni, bayothatha amaphepha ami kimi.” Kujikijele kubo, bese uqala ukuhamba noNkulunkulu.

¹⁸⁷ Umhlangikazi wangitshela ngolunye usuku, wathi, “Ngiyakukholwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu,” kodwa wathi, “bayosusa isikhumba sami semvu kimi, uma ngi... noma ubani osho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu,” phezulu esibhedlela lapho engakhulekela khona abanye abantu, baphulukiswa, wathi, “uma ngikuvuma, bayongiphuca amalungelo abahlengikazi ami, basuse isikhumba sami semvu.”

¹⁸⁸ Ngathi, “Leso yisikhumba sembuzi, silahle bese uthola isikhumba semvu sangempela,” ngathi, “ya, lapho iGazi likaJesu Kristu lilotshwe khona.” Lelo yiqiniso. Noma yini... Ngiyakholelwa emthini, ngiyakholelwa kodokotela, ngiyakholelwa ezibhedlela, kodwa ungabi wuhlanya, unghambi kulokho okwedlulele, ukwazi ukuthi lezozinto yizona zinto kuphela, UNkulunkulu nguYe owenza ukuphulukisa, zona zingezemvelo kuphela.

¹⁸⁹ Ngiyakholelwa emishinini, ngiyakholelwa ezimotweni, futhi ngiyakholelwa ensisheni ukugeza izandla zethu ngayo, nezingubo esizigqokayo, nemishini nezinto, ngiyakholelwa kulokho, kodwa akuzukuvimba ukukholwa kwami kuNkulunkulu uSomandla ukwazi ukuthi Nguye okunikezelayo, futhi akuthumele kimi. Kunjalo impela, impela.

¹⁹⁰ Manje, siyaqaphela, yayinenqwaba ephikisana nayo. Kodwa niyazi, lapho noma ubani omele ngempela uNkulunkulu, akukho lutho oluzobamisa. Yaqhubeka. Manje, khumbulani, ayihambanga nje emizuzwini eyishumi nanhlanu. Nililinganisile ibanga na? Niyazi ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, bekungathatha isikhathi esingakanani ukukushayela na? Awu, into yokuqala, yayifanele yedlule oGwadule iSahara. Futhi ayihambanga ngemoto iCadillac efakwe isishayisamoya, qhabo, kodwa yahamba emhlane wekameli, kwayithatha izinyanga ezintathu ukukwenza, izinyanga ezintathu. Akumangalisi uJesu athi, “Iyoma kulesisizukulwane, futhi isilahle.”

¹⁹¹ Abantu abahlala ngaphesheya komgwaqo ngeke beze, benezimoto, nezinto zokuhamba, nakho konke okunye, futhi namanje! Lokho kuyakhombisa. Iyoma nale-United States, nalesisizukulwane ngezinsuku zokuvuka kwayo, futhi isilahle lesisizwe, uJesu washo njalo, lokho kukwenza kube kahle.

¹⁹² Ayizange ingene ngenqola enesiqandisa-moya, noma iCadillac. Mhlasimbe yayidingeka ihambe ebusuku, no—nodwendwe oluncane lwezinqola abathenwa abambalwa kanye nayo, kodwa yayizimisele ukuthola ukuthi ngabe lokho kwakungokukaNkulunkulu noma qha. Ngaso sonke isikhathi, ngifunda, futhi kwakudingeka ihambe ebusuku, emini ilale

phezulu endaweni enamanzi ogwadule encane, ndawondawo ngaphansi, imimoya evunguzayo, futhi yafunda imiBhalo egoqwayo, lokho uNkulunkulu ayeyikho nalokho Ayeyo... eyayingakulindela, ukuba kwakunguNkulunkulu.

¹⁹³ Futhi lapho ekugcineni ifika lapho...Manje, ayizange ize ukuzohlala njengabanye abantu eBloomington, noma kanjalonjalo, iyeza, bazongena, bahlale phansi umzuzu, “Ngizohamba, omunye umuntu, incekekazi yami, *us'bani-bani* wami, bangicele ukuba ngihambe, ngakho ngiqagele ngizohamba, kodwa uma esho into eyodwa ephambene nalokho engikukholwayo, ngizophuma ngigqishazele.” Lokho kukhombisa ukungazi kwakho, lokho kukhombisa ukuthi hlobo luni lwekhaya owakhuliswa kulo. Ngakhulela ekhaya elisezintabeni eKentucky, kodwa umama wami wangikhulisa kangcono kunalokho, ukunikeza izinhlonipho. Uma ngifika, bengingahlala ngikulalele, kungenjalo bengingeke ngize nhlobo. Kodwa sukuma ngqo, futhi, “Into yokuqala athi angiyikholwa, ngiyahamba.” Nakho lapho okhona, qhubeka ngqo.

¹⁹⁴ Manje-ke, kodwa iyeza ukuzohlala. Lapho ekugcineni ifika esangweni, yenzani na? Yethula amakameli, yagxumeka itende layo, futhi yalungiselela ukuhlala ize ineliseke, ibuka emiBhalweni, yaze wakuhlola ukubona ukuthi ngabe kwakuqinisile noma qha.

¹⁹⁵ Manje, yileyondelela esifanele siyenze. Akumangalisi iyosilahla lesisizukulwane, ifanele. I...izosilahla. Yahlala, hhayi ukuthi, “Awu, uma beshumayela ngaphezu kwemizuzu engamashumi amabili, mfowethu, sengihambile.” Kulungile. Kodwa yahlala usuku nosuku. Iza ngoba kwakukhona Into ethize enhliziyweni yayo imdonsela kuyo.

¹⁹⁶ Wena uthi, “Kodwa, Mfowethu Branham, kungahle kusho ukuthi ngizolahlekelwa ubuthongo amahora amabili.” Kwakusho umbuso kuyo, kodwa kwakusho ukuPhila kuyo futhi. Nicabanga ukuthi ngilukhuni, kodwa anginjalo. Niyabo? Ngifuna nje nazi iqiniso.

¹⁹⁷ Ngakho yahlala lapho, yehlisa amakameli ayo, yabe isihlala. Sengathi ngiyabona, ngokusa okulandelayo, umdlalo omncane wasesiteji manje sengivala, iya ngale e, noma, yathi, “Ngizothola manje. Ngiyazi nje ngokuthi uJehova uyini, ngoba ngibafundile abaprofethi, futhi ngiyazi ukuthi kuyoba yini.”

¹⁹⁸ Awu, izinsimbi zesonto zakhala, nomculo wadlala, emva kwesikhashana uMelusi uSolomoni waphuma, waphumela emsamo, baqaphela owokuqala onekhadi lomkhuleko, kumbe noma yini ababenayo, ekhuphuka, o, kanjani indlela ababekukhethe ngayo, ekhuphuka. Yaqaphela ukuthi ukubona okufihlakele kwakuphelele, ngiyabona inhliziyoyayo encane iqala ukushaya. Olandelayo uyakhuphuka, kuphelele;

olandelayo uyakhuphuka, kuphelele; olandelayo uyenyuka, kuphelele. O, he!

¹⁹⁹ Sengiyabona yasho yabuyela ethendeni layo, yabiza izincekukazi zayo ezincane, yathi, “O, kuyikho impela nje, yikho impela nje ngokwaleliZwi, lomBhalo lapha engiwufundile, uhambisana nalokho wonke umuntu angitshela khona. Ngizozitholela ikhadi, futhi ngikhuphukele lapho, futhi. Yebo, mnumzane. Ngakho, ngizohamba.”

²⁰⁰ Ngakho yathola isendlalelo sayo, futhi lapho ifika endaweni lapho eyayizosukuma khona, yathola ukulungiselela kwayo, njalo, futhi lapho isilungele, ngenkathi inyuka phambi kukaSolomoni, iBhayibheli lasho ukuthi kwakungekho lutho olwalufihlakele kuSolomoni phambi kwayo, wayitshela okwakusenhliziyweni yayo.

²⁰¹ Niyazi ukuthi lowo wesifazane omncane ongumhedeni wenzeni na? Waphenduka, ngoba uSolomoni wakusho, futhi wazi ukuthi kwakuvela kuNkulunkulu, wathi, “Mayibongwe iNkosi uNkulunkulu.” Bhekisisani amazwi, Elohim, uJehova omkhulu, “Mayibusiswe iNkosi uNkulunkulu wenu onipha lezizinto. Konke lokho engakuzwile kuyiqiniso, futhi ngaphezu kwalokho engakuzwile,” ngoba kwenzeka kuye, niyabo, “okungaphezu kwalokho engikuzwile kuliqiniso.” Futhi yathi, “Abusisiwe ngisho lamadoda akanye nawe, ami lapha nsuku zonke, ebhekisisa phambi kwakho, lomsebenzi wesiphiwo. Babusisiwe abanawe. O, lokhu kuyakhazimula,” yasho.

²⁰² Futhi uJesu wathi iyoma ngoSuku lokwaHlulela, futhi isilahle lesisizukulwane, ngokuba lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. O Nkulunkulu, yiba nomusa kithi, ngumkhuleko wami.

²⁰³ Ngingathanda ukuqhubeka phambidlana. “Babusisiwe abantu onani, abahlala njalo bebona lokhu kwenzeka ngaso sonke isikhathi. Konke engikuzwile kuqinisele, nokuningi, kuningi kunalokho engangicabanga ukuthi bekuyikho, kuqinisele.”

Asikhothamise amakhanda ethu.

²⁰⁴ Nkosi Jesu, Usalokhu unguNkulunkulu ofanayo, akukho-mehluko kuWe. UnguNkulunkulu phezu kwendlu, UnguNkulunkulu entabeni, UnguNkulunkulu esigodini, UnguNkulunkulu wolwandle, UnguNkulunkulu wamazulu, UnguNkulunkulu weNdalo, UnguNkulunkulu wempilo yethu, UnguNkulunkulu wakho konke okukhona, UnguNkulunkulu. Ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuthi njengaleliqembu elincane labantu, nje abantu abangamakhulu amabili noma amathathu behlezi lapha ndawonye, kulobubusuku, nokho Uvela le eZulwini ukuzozwa ukukhala kwesinxibi esisodwa esiyimpuputhe, Uvela le eZulwini kanye ukuba uphendule, noma, ngaphesheya kwezilwandlekazi kumuntu oyedwa

owayehlanya, uhlanya lwaseGadara, waphulukisa leyondoda eyodwa futhi wabuyela ekhaya laKho, Uyo re... Ubuzovela eNkazimulweni kulobubusuku, ukuqinisa iZwi laKho, ngoba iBhayibheli lithi UyaLiqapha ukuLiqinisa.

²⁰⁵ O Nkulunkulu, makube ukuthi abayikuqaphela le empofu, engafundile, indoda eyisimungulu, emi lapha ezama ukukhuluma iZwi, kodwa kwangathi uMoya oNgewele omkhulu ungeza futhi ukhulume. Bayizethameli ezithandekayo, Nkosi, ngiyathanda ukukhuluma nabo, ngibagcina isikhathi eside kakhulu ubusuku ngabunye, kodwa, Baba Nkulunkulu, iZwi elilodwa elivela kuWe liyosho ngaphezu kwesigidi, isigidigidi ebengakusho. Woza, futhi ufakazise ukuthi engikushilo kuyiqiniso, ukuthi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni; woza, futhi ufakazise kubo, Nkosi, ukuthi Wena uyiNkosi uJesu ovukileyo, ugcina iZwi laKho.

²⁰⁶ Ngiyazinikela, nalelibandla, nalababantu abagulayo ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁰⁷ Manje, uzolinda eminye imizuzu eyishumi, noma eyishumi nanhlanu na? A—angeke ngibe nesikhathi. Futhi uphi uBilly Paul na? Yena... Yimaphi amakhadi awanikeze ngoMsombuluko, niyazi na? Noma usuku engikhipha ngalo lelo, ngeSonto, ngabe kwakuyilo, ngakhulekela abagulayo na? Noma ngabe...? Abeyini na? [Umfowethu uthi, “U-A, oyedwa.”—Umhl.] O-A, o-A. Kulungile. Ngibize kuphi na? Ingxenye yokuqala yawo kusukela kwelokuqala na? Asibize engxenye yokugcina yawo.

²⁰⁸ Ake sibone, asiqale kusukela, kuphi na? Asiqale emashumini ayisikhombisa-nanhlanu. Ake sibone ukuthi sikutholile yini. Ngabe u-A, wokuqala... isikhombisa... Ngabe u-A, wamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ulapha na? Phakamisa isandla sakho. Omunye akabuke ikhadi lakho. Qhabo? Awu, sizoqala kwenye indawo. O, kulungile. Kulungile. U-A, wamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, kunjalo na? Woza khona lapha, mfo osemncane. U-A, wamashumi ayisikhombisa nesithupha, ukuphi na? Kulungile, mnumzane. U-A, wamashumi ayisikhombisa nesikhombisa, phakamisa isandla sakho.

²⁰⁹ Sizofinyelela kubo bonke, sifanele nje sibabize ngakho konke esingakwenza. Amashumi ayisikhombisa nesikhombisa, bekukuphi na? Amashumi ayisikhombisa—amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili? Ubani ono-A, amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili na? Woza lapha. Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalombili. Manje, kukhona okungalungile ndawondawo. Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, amashumi ayisikhombisa nesithupha. Ubani onamashumi ayisikhombisa nesikhombisa na? Amashumi ayisikhombisa nesithupha. Awusho, ubani onamashumi

ayisikhombisa nesithupha na? Ubani onekhadi lomkhuleko u-A, amashumi ayisikhombisa nesithupha na? Kulungile. Omunye uphakamise isandla sabo ngokungesikho. Ungakwenzi lokho, usenza sidideke. Kulungile, amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye. Amashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye, phakamisa isandla sakho, ngiyacela. Kulungile, amashumi ayisishiyagalombili.

²¹⁰ Manje, uma ungakwazi ukusukuma... Nina bantu enisezihlalweni ezinamasondo, ninawo amakhadi omkhuleko na? Awu, awudingi ukuba ube namakhadi omkhuleko ukuze uphulukiswe, lona ngabantu nje abeza emsamu.

²¹¹ Manje, amashumi ayisikhombisa nanye, noma, ngiqale kuphi manje na? [Umfowethu uthi, "Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu."—Umhl.] Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Amashumi ayisikhombisa-nanhlanu, amashumi ayisikhombisa-nesithupha, amashumi ayisikhombisa-nesikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalombili, amashumi ayisikhombisa-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nanye. Amashumi ayisishiyagalombili-nanye, phakamisa isandla sakho. Amashumi ayisishiyagalombili-nambili, phakamisa isandla sakho, uma ungakwazi. Amashumi ayisishiyagalombili-nantathu, amashumi ayisishiyagalombili-nane, amashumi ayisishiyagalombili-nane? Kulungile. Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa.

²¹² Buka umakhelwane wakho, kungahle kube ngumuntu oyisithulu, futhi ongezwa, buka ikhadi likamakhelwane wakho. Bukani kwi kumasondo... Kuphi na? Unalo na? Kulungile. Amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye-nanye, namabili, nantathu, nane, nanhlanu. Nanye, namabili, nantathu, nane, nanhlanu. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha, amashumi ayisishiyagalolunye-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili. Ngabe ngi...? Ngikugejile. Amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili, phakamisa isandla sakho, amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalombili. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²¹³ ...ikhadi lomkhuleko. Futhi niyagula futhi nifuna uNkulunkulu aniphulukise, phakamisani izandla zenu,

phakamisani izandla zenu, nomaphi. Yonke indawo.

²¹⁴ Manje, ngiyacela, ningajahi. Nje, vele uthule nje imizuzu embalwa. Nizo—ni...kuzo...Yini ebingaba semqoka kakhulu na? Uma izwe lima nse, ukuba babezodala ibhomu ebelizoqhumisa umhlaba wonke, lokho—lokho bekuhenge kube yinto esemqoka. Uma ubuzokwemukela ikhulu lezigidi zamadola, kusalokhu kungebe semqoka. Ngabe uNkulunkulu wethu uyaphila na? Ngabe ukukholwa kwethu kuyize na? Ngabe Ungwangempela, noma Akasuye owangempela na?

²¹⁵ Uma ngithe uku...? Uma—uma bonke abantu besihlalo esinamasondo behlezi lapho...Ngicabanga ukuthi isizathu sokuba ba—bangene, bangenile, bazoba nomkhuleko. Siyehla ukuyokhulekela zonke izihlalo ezinamasondo kusasa ebusuku, kunjalo na? Noma, kunini, kusasa ebusuku na? [Umfowethu uthi, “NgoLwesihlanu ebusuku.”—Umhl.] NgoLwesihlanu ebusuku banikeza isondo...Lokho aku...Awukudingi lokho, ungaphulukiswa khona manje. Ningalindi kuze kube uLwesihlanu ebusuku, nginiphosela inselelo kulezo zihlalo ezinamasondo ukuba nibuke ngapha, futhi nikholwe ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, ngiyaxolisa, inceku kaNkulunkulu. Ngiyacela, niyabo, lelogama liyahlakazeka, futhi lishaye abantu, angisuye umprofethi, ngiyinceku yaKhe nje. Niyakukholwa lokho ngenhliziyo yenu yonke.

²¹⁶ Angikwazi ukukuphulukisa, qhabo, mnumzane, kunjalo akeho omunye ongakuphulukisa, ngukukholwa kwakho uqobo okukwenzayo. Kodwa uma nizoqonda ukuthi nguJesu ofanayo. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise.” Ngabe kunjalo, nina befundisi na? UJohane oNgcwele 5:19. UJesu, cabanga kahle, akazange enze nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu waze waMkhombisa, akaMtshelanga, kodwa waMkhombisa ngombono, noma iBhayibheli lasho into eyiphutha, uJesu waqamba amanga, ngakho Akakwazanga ukukwenza, UnguNkulunkulu.

²¹⁷ UJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:19, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.” Bona ukuthi lokho akukho yini eBhayibhelini lakho, iKing James, noma iMoffatt, noma yiliphi ihumusho ofuna ukulithatha, ubone ukuthi akusiyo yini into efanayo. Tholani iDiaglott yesiGriki yasekuqaleni uma nifuna, nizothola into efanayo. “ANgenzi lutho ngize...Ngibone uBaba...” Ngamany’amazwi, Wadlala umdlalo wasesiteji.

²¹⁸ Manje, sisabashayisa umugqa manje, ngifuna ukunibuza into eyodwa. Bukani, kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi eBhayibhelini owayengenalo ikhadi lomkhuleko, sizothi, kodwa wathi, “Ngiyakholwa ukuthi lowoMuntu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngakho uma nje ngingathinta

ingubo yaKhe, ngizophulukiswa.” Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Futhi wathinta ingubo yaKhe, ngabe kunjalo na? Wabuyela emuva phandle ezethamelini, mhlawumbe wahlala phansi, njengoba unjalo, mhlawumbe wasukuma, angazi.

²¹⁹ Kodwa uJesu wama. Futhi wonke umuntu wayeMgaxa ngezandla, izingalo zabo, futhi bethi, “Rabi, siyajabula Ungapha.” “Woza, Rabi, sizwile izinto eziningi Ozenzile eGalile, sithanda ukuKubona wenza okuthize ngapha.” “Sawubona, Rabi na? Woza, uye ekhaya uyodla idina nami.”

²²⁰ Kodwa lowo wesifazane omncane wathi nyelele wenyuka. Manje, ngokomzimba, Wayengeke akuzwe, ngoba leyongubo ilenga ixega, futhi inengubo yangaphansi. Ngakho, bengingeke ngikuzwe ukuba bekusemsileni wejazi lami lapha, njengoba sikubiza kunjalo. Futhi kuthiwani ngaleyo enkulu, ingubo exegayo na? Kodwa Wakuzwa ngokomoya, bhekisisani ukuthi Wathini, Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²²¹ NoPetru wacunuka kakhulu, wathi, wakhuza uJesu, iBhayibheli lasho ukuthi uPetru wakhuza uJesu, wathi, “Kungani Usho into enjengaleyo na? Awu, Uzwakala sengathi Uwuhlanya. Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta, futhi kungani Usho into enjengaleyo na?” waMkhuza.

²²² Wathi, “Ngiyabona ukuthi ngibe buthakathaka.” Kunjalo na? Manje, fundani kwiKing James, “Amandla aphumile kiMi,” okungamandla okuqina. “Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka.”

²²³ Awu, uma umbono owodwa, umuntu oyedwa wenza iNdodana kaNkulunkulu ibe buthakathaka, bekungenzani kimi, isoni esisindiswe ngomusa waKhe na? Niyabo? Manje, lapho E...Ungeke wathatha abaningi kakhulu, uyakwazi lokho, uwa ngqo. Futhi ngenkathi uJesu ethi, “Izinto ezinkulu kunalena niyakuzenza,” thola i-*Emphatic Diaglott* yesiGrekhi bese uthola ukuthi ayinjalo yini, “*Eminingi* kunale niyakuyenza,” esikhundleni sokukhulu, “*eminingi*,” ubungeke wenze okukhulu, kodwa ubungenza okuningi kwakho, ngoba bekuyoba nokuningi, “oyokwenza.”

²²⁴ Manje, futhi Waqalaza phezu kwezethameli waze Wathola owesifazane, futhi Wathi, wamtshela ukuthi wayenomopho, nokukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Manje, bangaki okholwayo ukuthi Usenguye lowoKristu ofanayo kulobubusuku na? Bangaki owaziyo ukuthi iTestamente eLisha, i-iNcwadi yamaHeberu yathi Ukhona manje, ngalomzuzu, umPristi wethu oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Bangaki okwaziyo lokho na? Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. UnguMvini, thina singamagatsha, Angeke enze lutho, Ulindele thina ukuba sikwenze, Wasenza izindlalifa ezihlangene, futhi siyizisebenzi kanye naYe.

225 Manje, Mthinte ngobuthakathaka bakho, wena ongenakhadi lomkhuleko, Mthinte, futhi uma nginitshela iqiniso, khona-ke Uzophendula ngami, futhi asho into efanayo kini Ayisho ngalolosuku. Bangaki abangaMthanda, futhi baMkholwe, futhi baMkhonze, futhi baMfele, uma Ubengenza lokho, kulobubusuku, phambi kwethu na? Emva kokuba si . . . ukubona okufihlakele kwalokho.

226 Baba waseZulwini, kukude kangako lapho noma yimuphi umuntu angahamba khona, okulandelayo ngowaKho, Baba, Ufanele ukhulume, ngokuba angisakwazi ukukhuluma. Manje sekukwelamanqamu: Ngabe iZwi laKho liqinisile, noma Aliqinisile na? Futhi makuthi bonke lababantu kulezizihlalo ezinamasondo, bonke lababantu abanenkathazo yenhliziyi, bonke lababantu abaneTB, umdlavuzi, noma kungahle kube yini, makuthi bona, Baba, bathinte kulobubusuku. Kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha angaphulukiswa. O Nkulunkulu oPhakade, ngikhulekela bonke.

227 Yizwa umkhuleko wami, Baba, ngi—ngivele nje, ngayo yonke inhliziyi yami, ngingathanda kanjani nje ukuKubona uphulukisa wonke umuntu, futhi, Baba, Ubaphulukisile bonke, ngikhulekela ukukholwa kwabo-ke, ukuthi akuzukwehluleka kulelihora, ukuthi bazokwazi ukuthi akukaze kubekhona lutho olunjengalokhu kusukela ezinsukwini zikaKristu qobo lwaKhe, futhi Wethembisa ukuthi kuyobuya ngalolu izinsuku zokugcina, futhi nakhu. Siphe khona, Nkosi. Ngithembele kuWe, ngisho lokho ngesibindi, ngoba ngiyakholwa ukuthi Uzokwenza, kulobubusuku, okufanayo njengoba Ubuhlale wenza. Ngizinikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

228 Manje, makwazeke kahle kulezizethameli, ukuthi angizisho ukuthi ngiyiNkosi yethu uJesu Kristu. Bangaki okuqondayo lokho na? UJesu useZulwini. Nxa Efika, onke amadolo ayoguqa, nezilimi zonke zivume. Kodwa ngiyasho ukuthi uMoya waKhe, uMoya oNgwele ulapha, nangesiphiwo sobuNkulunkulu salowoMoya oNgwele, ngenkathi ngisengumfanyana, nginezinyanga ezimbalwa kuphela ubudala, ngabona umbono wami wokuqala, amashumi ezinkulungwane zayo yenzekile kusukela ngaleyonkathi, futhi akukho nayinye yayo eyake yehluleka.

229 Ngikhuluma nabantu lapha obenami emhlabeni jikelele. Futhi phakamisani izandla zenu uma ngake ngasho noma yini eGameni leNkosi, ngaphandle kwalokho okufezekayo. Noma ubani lapha owake wangizwa ngikhuluma ngento ethize ku *ISHO KANJE INKOSI* eyake yehluleka ukuba ibe ngokuqinisileyo, phakamisani izandla zenu futhi nize ningitshela ngakho. Niyabo? Kuyiqiniso. Khona-ke nguNkulunkulu, amadoda angeke akwenza lokho.

230 Futhi khumbulani manje, nina bantu enisezihlalweni

ezinamasondo, nonke, noma, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, akusikho ukuthi ngabe ulapha noma qha, ukuthi, mina ngikuthinta, ngeke kube nokuncane okuhle, wena uthinta mina ngeke kwenze nokancane, kodwa uma uzoMthinta kuzokwenzeka, ngoba Usevele ukuthengile ukuphulukiswa kwakho. Ake sinizwe nisho lokho kanyekanye: “Usevele ungiphulukisile. Nkosi, siza ukungakholwa kwami ukuze ngikhohle, futhi ngithinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bami.” Manje, nikutholile, manje khumbulani.

²³¹ Nonke nina abakulowomugqa owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu, wonke lowo okulowomugqa womkhuleko, wonke umuntu. Wonke lowo osezethamelini owaziyo ukuthi angikwazi, kumbe noma yini ngawe, phakamisani izandla zenu. Nakho lapho okhona. Manje, nanti iBhayibheli liyakusho, nanti iBhayibheli lakwethembisa, uMoya oNgcwele, futhi uma lokhu kusebenza, khumbulani, okuzokwenza, khumbulani, lenjabulo enkulu oyizwayo, leNto ebizwa ngoMoya oNgcwele, leyo yiqiniso.

²³² Manje, lalalani, kinina bantu bePentecostal, akashongo yini uPawulu, “Uma omunye wenu ekhuluma ngezilimi futhi engekho ohumushayo, ongafundile uyothi, ‘Ngani, uyahlanya,’ kodwa uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, oyoprofetha futhi embule izimfihlo zenhliziyo, khona-ke bayowa phansi, futhi bathi, ‘Ngempela, uNkulunkulu wakhe unawe’”? Ngabe kunjalo na? Awu, uma ukholelwa ekukhulumeni ngezilimi, ungakuphika kanjani lokhu na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

²³³ Manje, ubani owokuqala na? Ubani u...osemgqeni na? Lona, unguye, mfo osemncane na? Ungeza lapha na? Umfana omncane, cabanga ngakho. Manje, angikaze ngimbone lowomfana empilweni yami, ngokwazi kwami, siyizihambi omunye komunye. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, mnumzane, ngaleliBhayibheli. Angikaze ngimbone empilweni yami, angazi lutho ngaye, kodwa umele okuthize lapha. Mhlawumbe uyagula, angazi, anginamqondo. Uma egula khona-ke ngeke ngamphulukisa. Kodwa uma nje ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngithi “Uzophulukiswa, akabongwe uNkulunkulu, uphulukisiwe, hamba ukukholwe,” awu, lokho kulungile, uma engakukholwa, ubeyophulukiswa, ngiyakholwa, uma ubekukholwa ngempela, hhayi ukuzenzisa, kodwa ekukholwe ngempela. Anikukholwa lokho na? Umfana ubeyophulukiswa.

²³⁴ Mhlawumbe yizinkathazo zezimali; mhlawumbe yena u, yinkathazo yasekhaya, mhlawumbe ushadile, futhi yena nomkakhe benenkathazo; mhlawumbe yena nentombi yakhe banenkathazo; mhlawumbe akashadile. Angazi ukuthi uzokwenzani lapho, anginamqondo, kodwa kuzothatha uNkulunkulu waseZulwini ukukwembula. Manje, uma

Ekwenza, wonke umuntu phakathi lapha uzokwazi ukuthi Kuzofanele kube nguMoya othize.

²³⁵ Umfana angahle abe ngumfundi walesisikole lapha, angazi, uma kunjalo, ngi...noMoya oNgcwele wenza okuthile kuye, ngethemba ukuthi uzoba ngumnumzane ohloniphekile ngokwenele ukuba ahambe abatshele. Niyabo? Kunjalo. Ngethemba ukuthi kunjalo.

²³⁶ [UMfowethu Branham unezinkinga ngombobho—Umhl.] Ngiyaxolisa, o, a, lento ithi uku...Kulungile. Manje, noma ngabe ubani osembobheni, angazi. Lapho imibono ishaya niyaqonda ukuthi ngibuka ndawondawo, futhi ngibona into ethize eyenzekile, futhi, emuva le kwenye indawo, mhlawumbe ngiye eminyakeni emuva, nakho konke.

²³⁷ Manje, ngizonicela ukuba nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Lapho uMoya oNgcwele wenza noma yini, khonake ufuna ukuMdumisa, yilokho ofanele ukwenze, kodwa sisahlezi, manje ake ngenhlonipho nangokuthula singene eShekina, eBukhoni bukaNkulunkulu, kimi nalensizwa lapha engakaze ihlangane empilweni yethu, simi lapha. Umhlaba... Abantu lapha oya ePhakadeni ukuyohlangana noNkulunkulu, futhi baphendule ngaloloSuku lokwaHlulelwa. Futhi sibuka ngaphesheya kweBhayibheli eliNgcwele likaNkulunkulu.

²³⁸ Uyindoda ukuthi, mhlampe, abanye babo bakunika ikhadi lomkhuleko, futhi kwenzekile nje kube kulobubusuku ukuthi inombolo yakho ibiziwe, futhi yilokho kuphela okwaziyo ngakho, simi lapha. Futhi uma uNkulunkulu ezokwembula kimi imfihlo enhliziyweni yakho futhi akutshele, futhi uma Ezongitshela ukuthi ngikutshela ukuthi uzele ini lapha, noma yini engalungile ngawe, noma into ethize e...owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, ubungakukholwa ngayo yonke inhliziyoyakho, nsizwa na?

²³⁹ Zonke izethameli beziyokholwa ngenhliziyo yazo yonke na? Okwami nalensizwa, omi lapha amadoda amabili, abantu ababoshwe iPhakade, phezu kweBhayibheli likaNkulunkulu lilele lapha. Niyabo?

²⁴⁰ Manje, Nkosi, kukuWe, ngingakhuluma kuphela iZwi laKho. NeZwi laKho liyiQiniso, futhi ngisondela kulokhu ngeGazi leNkosi uJesu Kristu, ngivuma lokhu engakhonziswa yiNgelosi, engehluleke, ngoba nguNkulunkulu.

²⁴¹ Qhabo, awuveli kulesisikole. Awusuye ngisho owakulesi sifunda, ungowangaphandle kwesifundazwe, uvela eMissouri, lapha. Kunjalo. Ungumfundisi, umfundisi osemncane. Usekudidekeni kokuthi yini ngenkonzo yakho, ufanele wenzeni, lokho bekusenzelisiyweni yakho nasemqondweni. Uzama ukufuna ngisho ingxoxiswano yangasese, kimi, ukuthola ukuthi wenzeni ngenkonzo yakho. Hlala lapho okhona, Ulungiselela ukukunyakazisa. Uyangikholwa na?

242 Nansi enye into, unomuntu othize enhliziyweni yakho omkhulekelayo. Yindoda, ibulawa ngumdlavuzo, futhi umi lapha esikhundleni sayo. Lezozinto ziyiqiniso na? Zinjalo. Uyakholwa manje, uyakuthola okucelayo na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba-ke, ukuthula kukaNkulunkulu makube nawe.

243 Manje asiphakamise izandla zethu nje. Bantu bePentecostal, ningathula kanjani, lapho yena impela uNkulunkulu enimthandayo eqonde kakhulu futhi eqinisile kakhulu na? Kholwa nje. Izincwadi ezifungelwe ezifungelwe! UMoya oNgewe! Kulungile.

244 Angikwazi, nenekazi. Ngifuna ungibuke ngaphesheya kweBhayibheli. Angikwazi, ngiyakwazi na? Siyizihambi omunye komunye, kodwa uma uJesu Kristu ezokwembula kimi, enhliziyweni yakho, njengoba nje Akhuluma kowesifazane emthonjeni, futhi uzokwembula kimi into ethize oyaziyo. . . Uma bengiyinoma yini, bengi—ngingeke ngazi, ngoba uyazi ukuthi angikwazi, nawe awungazi. Lezozinto ziyiqiniso na?

245 Uthi, “Wenzani, Mfowethu Branham na?” YiZwi likaNkulunkulu phakathi *lapha* elibukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, uMahluleli wemicabango yenhliziywo, uKristu, iZwi likaNkulunkulu eliphilayo, Ezazisa ebufakazini obungenakuphosisa. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na?

246 Yebo, uyagula. Uma uNkulunkulu ezongichaztla lapho ukugula kwakho kukhona, uzokholwa na? Kusezinsweni zakho, nasesinyeni sakho. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Enye ibangela enye, ivela ezinsweni zakho, ukungathokomali esinyeni. Ulwe nakho isikhashana impela, kuzosuka kuwe manje. Uyakukholwa lokho na? Awusuye owakhona lapha. Ungowakwelinye idolobha, kodwa ungowase-Illinois, e-Urbana. Kunjalo. U-. . .-b-a-n-a. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Uma ngikutshela ukuthi ungubani, kuzokusiza na? Nkk. Potts. Hamba futhi ukholwe. Yiba nokukholwa.

247 Uyakholwa ngenhliziywo yakho yonke na? Lokho kufanele kukuxazulule. Hloniphani ngokuzithoba nje, nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Siphe nje eminye imizuzu cishe emihlanu. Umuntu olandelayo, ngiyacela.

248 Woza, buka ngaphesheya kweBhayibheli. UNkulunkulu waseZulwini usazi sobabili, Uyazi ukuthi kungani ulapha, Uyazi ukuthi kungani ngilapha, kodwa ukwazi wena, angikwazi. Anginalwazi ukuthi uzele ini lapha. Kodwa uma uNkulunkulu waseZulwini ezokwembula kimi ukuthi uzele ini lapha, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Manje-ke, bengingeke ngikuphulukise, uyakwazi lokho, kodwa kuphela kuzovusa ukukholwa kwakho ekuphulukiseni.

249 Bekungenzani kini bantu lapho ezihlalweni ezinamasondo na? Bukani nje, kholwani nje manje, ihora lenu selisondele, uma nje nizokukholwa khona manje.

250 Ngicela ningahambahambi. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya, ngingomunye nomunye wemimoya yenu ekuxhumaneni, njengokuphefumula, ugcobo lukaMoya oNgcwele. Yonke into inesono lapho lokho kufika kuwe, yonke into oyibukayo inesono. Nokungalaleli, yilokho Angitshela khona, “Uma uzothola abantu ukuba bakukholwe, bese-ke uba gotho . . .” lapho ngithi, “Thula, ungaluzi,” futhi ungakwenzi, lokho kukhombisa ukuthi awukholwa. Niyabo? Futhi lokho kubonisa emuva kimi, uMoya oNgcwele, uthi, “Bayeke, bashiye phansi.”

251 Kodwa ngikhala kuYe imini nobusuku, “Nkosi, ungakwenzi okwamanje, ake ngizame futhi,” ngoba ngiyaqonda ukuthi iZulu liyini.

252 Senake nabufunda ubufakazi obuncane kwi*Christian Business Men*, ukuguqulwa okuncane, noma, umbono engaba nawo ngobunye ubusuku na? Ngifuna wonke umuntu ophakathi lapha ukuba athole eyodwa yalezo. Uma ungenayo imali, ithathe noma kanjani, ngizoyikhokhela. Nikufundile na? Lokho kuhle na? Ngingake ngivumele omunye ageje leyoNdawo lapho na?

253 Unokwethuka, izifo ezelakanyanayo, izinto eziningi ezingalungile ngawe, kodwa yinye into esemqoka onayo enhliziyweni yakho, ingeyomunye umuntu, lowo ngumuntu osemncane, ngowesifazane, yindodakazi yakho. Inovalo kabi kabi, futhi ibenokuhlinzwa, yilokho okukubangele.

254 Awusuye owalapha, imvelaphi, ungowaseArkansas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Kungakusiza na? Nkk. Martin, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

Yiba nokukholwa, ungangabazi. Kholwa eNkosini.

Manje, kungiqeda amandla, Mfowethu.

255 Ngiyacela, wonke umuntu, ngiyacela, thulani, hlalani nithule, ngiyacela, ngiyacela, ngiyacela. Ngiyacela, ngiyacela, ningasukumi, ngiyacela. Nje, kuyangishiya, niyabo, bese-ke ngifanele ngibuye futhi. Niyabo? Ngiyacela, hloniphani ngokuzithoba nje. Kulungile.

256 Ngicabanga ukuthi siyizihambi omunye komunye, siyizo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, “Yebo, siyizo.”—Umhl.] Kulungile, mnumzane, siyizihambi. INkosi uJesu ingembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa na? Ngiyakuzonda ukunitshela lokhu. Ufuna ngikutshela noma kanjani na? [“Ya.”] Usibekelwe, umdlavuza, usibekelwe yithunzi lokufa. Ubunemikhuba ethize okufanele uyiyeke. Kunjalo. Uzokwenza na? [“Yebo, mnumzane.”] Ake

ngikukhombise okuthize. Ngizwe omunye umoya ungena, udeveli. Uzama ukulungisana noNkulunkulu. Ngokusobala, usanda kubhaphathizwa, futhi uqonde. Kunjalo.

²⁵⁷ Lelonenekazi elihlezi lapho linelukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa na? Uma unokukholwa, Uzokwenza i... Uyakwemukela na? Uyakholwa ukuthi Uzophulukisa futhi akusindise na? Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Uyabo, ngumdlavuza futhi, Dadewethu. Awudingi ukuba ube nekhadi lomkhuleko. Phakamisela isandla sakho kuKristu, uthi... Inenekazi elihlezi lapho nebhantshi elincane elibomvu libekwe emilenzeni yalo. Lokho... .

Anikuboni nonke lokho kuKhanya okulenga phezu kowesifazane na?

²⁵⁸ Ngifuna ukunibuza okuthize, yibani qotho kimi. Ngenkathi ngikhuluma umdlavuza nokufa, into exakile yenzekile kuwe. Ngabe kunjalo na? Ubunomuzwa oxakile njengokuthi, ufika phezu kwakho. Uyabo? Ngabe lokhu kunjalo na? Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho ukuze abantu lapho bezobona. Niyabo? Niyabo, ngukufa, futhi, kowesifazane. Yilukhemiya isifo sokuphaphatheka kwegazi, noma yilokho udokotela akusho, futhi uqinisile.

²⁵⁹ Manje, nobabili niphansi kwamathunzi okufa, lowomushwe omnyama uvela kulokhu. Kuyini na? Yilowodeveli phakathi lapha obizwa ngomdlavuza. Umdlavuza yigama lesiGriki, noma, igama lezokwelapha, lisho "inkalankala." Kodwa ngudeveli, ngumbulali, umhluphi, ukulendoda, nakulowo wesifazane. Futhi niyabo, ubebiza usizo ukuzama ukuthola lendoda ukuba ingakukholwa, noMoya oNgcwele wamshaya kukho, futhi waphosa ukukholwa kowesifazane. Uthinte Into ethize. Niyabo, lowodeveli ucabange ukuthi ubungazedlulela ngakho. Nizokholwa nobabili kuJesu Kristu, futhi niMemukele njengoMphulukisi wenu na? Phakamisani izandla zenu. Khonake eGameni likaJesu Kristu, ngiyamlahla lowodeveli ukuba anishiye nobabili, futhi nihambe. Hamba, futhi uphile. Hamba, futhi uphile.

²⁶⁰ Uma kukhona noma ubani lapha ongunqikazi, ubufanele ube namahloni ngawe! Umubi kakhulu kunokuba bebenjalo.

Sawubona?

²⁶¹ Akekho yini umngeni lapho, athathe lawomakhadi omkhuleko na? Abantu bawela ne, namakhadi abo omkhuleko ezandleni zabo. Manje, uma nje nizolinda umzuzwana nje noma emibili kade. Ngokwethembeka, si—sizo—si—sizoyeka. Ngi... . Niyabo, lapho nihamba, sukuma uhambahambe, kuphosa nje ukuxhumana kukaMoya kusuke.

²⁶² Niyabo, Usezethamelini. Leyondoda ehlezi khona lapho enesifo samathambo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

uzokusindisa na? Kulungile, mnumzane. Ubukhuleka, ubungenjalo, mnumzane na? Bukani ukuthi ukude kangakanani nami. Kulungile, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, nesifo samathambo sizosuka kuwe.

²⁶³ Indoda ehlezi khona emuva lapha ngemuva, ababili noma abathathu emva kwayo lapho, inenkathazo yendlala yesinye. Mnumzane, ubukhuleka, futhi waba neNto ethile okukushayile, ngenkathi ngithi isifo samathambo kuleyondoda, Into ethize ikushayile. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, indoda ethe ukuba nempandla, ifake izibuko. Kunjalo impela. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Khona-ke ngiyamemezela ukuthi uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁴ Indoda esemva kwayo ngqo yaba nenqwaba yokukholwa nje ngaleyonkathi. Kunjalo. Angikwazi, mnumzane, kodwa uhlushwa ukwethuka nezifo ezelakanyayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Yemukela ukuphulukiswa kwakho; uJesu Kristu uyakusindisa.

Yiba nokukholwa, ungangabazi.

²⁶⁵ Ukwethuka, ukuphelelwa yigazi, umfutho wegazi ophakeme. Kunjalo. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho. Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Kulungile, eGameni likaJesu Kristu, u. . .

²⁶⁶ Ubusiphakamiselani isandla sakho emuva lapho, owesifazane na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ngayo yonke inhliziyo yakho, uzokwemukela na? Unenkathazo yabesifazane, notwayi. Uma lokho kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Hamba-ke uye ekhaya futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶⁷ Aniboni ukuthi yiNkosi uJesu na? Ngiphosela inselelo noma yimuphi wenu ukuba akukholwe lokho. Labobantu phandle lapho, akukho-makhadi omkhuleko, noma lutho olunye, bekholwa nje.

²⁶⁸ Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi izinto ezisenhliziyweni yakho. . . Niyabo, sekuthi akungithole nje, ngakho angikwazi ukuhlala isikhathi eside kakhulu lapha.

²⁶⁹ Ungakwenzi, ngiyacela!

²⁷⁰ Ngibheke, njengoba ngishilo, njengoPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa e *Lihle*, bathi, "Sibheke." Uhlushwa ngamehlo akho, ufuna ukukhulekelwa. Kusobala uthi, ufake izibuko, hhayi lokho kuphela, kodwa uhlushwa izindlebe zakho, unenkathazo phezulu ekhaleni lakho ongakwazi ukubona. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho. Lelo yiqiniso. Abazi ukuthi kuyini, kodwa empeleni yisikhunta, sivimba ikhala lakho

phezulu lapho. Kunjalo. Futhi enye into, unenkathazo yesifuba. Kunjalo.

²⁷¹ Awusuye owakulelidolobha, awusuye owakulelizwe, ungowaseMichigan. Kunjalo. Igama lakho nguNkk. Swanson. Manje, hamba uye ekhaya futhi uphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu.

²⁷² Niyakholwa, nonke na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. (Angisakwazi nje ukuhlala isikhathi eside esiteji, kuyangishaya nya...?....) Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, noma ngabe nikuphi. (Sizoma.) Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. EBukhoneni bukaMoya oNgcwele...

²⁷³ Angikwazi nje ukuma isikhathi eside ngokwedlulele, kusobala nonke ubuphenduke wabamhlophe phandle lapho, njengoba nje, kungukuKhanya nje phezu kwenu nonke. Uma ngifumene umusa emehlweni enu, uma ningikholwa, nina enisemgqeni womkhuleko lapha, noma ngabe nikuphi, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, futhi ngifumene umusa emehlweni akho...UMoya oNgcwele uminyene kakhulu phakathi lapha kulobubusuku, kuze kube khona njengokuKhanya yonke indawo, Angisakwazi ukubona abantu phandle lapho, kubonakala sengathi kugcotshwe *kakhulu*.

²⁷⁴ Into kuphela engakuvimbela ukuba uphulukiswe, lokho ukungakholwa kwakho. Nina enisezihlalweni ezinamasondo, noma ngabe nikuphi, uMoya oNgcwele unendawo yonke ekhanyiswe ngamandla aKhe. Awukwemukeli ngani na? Sukuma!

²⁷⁵ Sathane, ngiyakukhuza, develi, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Phuma kulezizethameli, futhi ziyeke!



61-0412 Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni
E-Illinois Wesleyan University
EBloomington, E-Illinois E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org